# *Kanye Nje Futhi, Nkosi*

Sanibona kusihlwa, bangani. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku futhi ngithokozela lelidili lomculo elimangalisayo, ngithokozela lamaculo uma eculwa ngomdlandla wangempela. Bengibhekisisa uJimmy, ngikholwa ukuthi nguye, futhi uma besingaba nomdlandla nje ngazo zonke izinto zikaNkulunkulu empilweni yethu uqobo njengoba uJimmy esukwe wusinga labo becula, besingafinyelela ndawondawo. Ngimthokozela ngempela lowomfana, ubaba wakhe, umngani wethu omuhle.

2 Ngifuna ukubuza umbuzo. Lamanenekazi acule leli, "NgiThanda UkuXoxa Ngakho," ngabe yileloqembu elifanayo elacula eminyakeni eminingi eyadlula ngenkathi ngilapha na? Ngabe yilelo elifanayo na? Ngizame ndawo zonke ukuthola leloculo. Emahoreni ami amnyama ezivivinyo, ngizamile ukucabanga ukuthi, "Ngithanda ukuxoxa ngakho." Jimmy Maguire, ulitholile lelo kwiteyipu na? Ngiyethemba. Niyabo? Unalo kwirekhode na? Futhi uma likhona, ngiyalifuna. Futhi ngizamile ukucabanga lokho, ngicabanga ukuthi, "Uzongithanda ngenkathi indlela yami yezinyawo yayififiphele kakhulu." Niyabo? Futhi ngi—ngilijabulele ngempela leloculo elimnandi laseZiyoni.

3 Manje, ngiyaqonda, anginasiqiniseko salokhu, kodwa ngikholwa ukuthi leliqembu elifanayo lizobe licula eNgqungqutheleni yeBusiness Men, ngiyakholwa, ngeSonto, ngeSonto elizayo. Ngicabanga ukuthi kunjalo, uma ngingakuqondanga kahle, ngelesibili nqo ngeSonto elizayo. Ngakho niyaluthanda loluhlobo lokucula, ngani, bazoba laphaya ukuba basiculele futhi. Besifanele sibathathe sibehlisele eTucson kusasa ebusuku, futhi sibaculise ezansi lapho. Ngi—ngiqinisekile lizoba yisibusiso kubantu.

4 Manje, kusasa ebusuku ngumkhandlu wezikhulu zesonto zaseTucson. Sizoba seRamada Inn kusasa ebusuku, ezansi eTucson, okungukuthi nonke niyaqonda ukuthi iPhoenix ingumngcele nje waseTucson. Niyabo? Sijabula ngempela ukuba nani nonke njengezakhamizi ezingabafo bakithi bomnotho wethu omkhulu waseArizona. Manje, sisegqumeni; nina nisesigodini; ngakho, khumbulani, cishe amafidi ayizinkulungwane ezimbili ukuphakama kunoma ninjalo nina, niyabo. Ngakho lomngcele wedolobha, sijabula ngempela ukuba sibe lapha sihlanganyela nani kulobubusuku. Ngakho khumbulani kusasa ebusuku nendawana enkulu yaseArizona izoba yidili lesidlo somkhandlu wezi—zikhulu zesonto. Bese kuthi-ke ngobusuku obulandelayo silapha e, ngiyalikhohlwa igama lebandla manje, liyiSouthside Assembly. Bese kuthi-ke

ngoLwesithathu ebusuku sikuEleventh noGarfield, ngikholwa ukuthi yiyo, iAssemblies of God lapho, ngayo. Bese kuthi-ke ngoLwesine kuqala ingqungquthela.

5 Manje, nibahle kakhulu futhi sibe nesikhathi esimangalisayo ngempela ngaleliviki, senhlanganyelo, nawo onke lamabandla onke ehla enyuka neMaricopa Valley lapha. NeNkosi isibusise ngokweqile ngempela, ngokukhulu kakhulu, ngaphezu kokuba bengiYibheke ukuthi ikwenze. Izindawo beziminyene futhi zigcwele phama emagcekeni, nabantu bemile, nenhlanganyelo enkulu ngaseZwini. Abefundisi uvakashile. Ngimqaphelile umelusi, uMfowethu Outlaw, ngimbonile kuzo zonke izinkonzo esibe nazo, ngakho konke ukucabanga kwami ngazo. Nabanye beze nje besuka kwelinye ibandla beya kwelinye. Yileyondlela yokukwenza, ngiyakuthanda lokho, sihlanganyela omunye nomunye.

6 Njengomdala uMfowethu Bosworth, osebe seNkazimulweni manje iminyaka emithathu noma emine, wathi kimi, "U—uyazi ukuthi yini inhlanganyelo, Mfowethu Branham na?"

Ngathi, "Ngicabanga kanjalo."

7 Wathi, "Ngabafo ababili behlanganyela emkhunjini owodwa." Ngakho lokho—lokho kunjalo, abafo ababili emkhunjini owodwa.

8 Ngakho sinjalo (ngiyajabula.) ngibuka lapha phezu kwezethameli kulobubusuku, ngibona abangani lapha engingakaze ngibabone ngaphambili, ovela le eKentucky naseIndiana, ukuzungeza kwenyukele eOhio, behlezi bezungeze lapha, besivakashela. Sijabula ngempela ukuba nabo phakathi kulobubusuku. Mhlawumbe kade bekomunye umhlangano, kodwa izindlu ezibanzi ngokuthe xaxa, futhi anginiqaphelanga nje. Ngakho iNkosi inibusise ngokucebile ngempela.

9 Futhi manje ngizohlala nje isikhashanyana. Ngifanele ngishayelele umndeni ngiwubuyisele emuva kulobubusuku, futhi sizolungela umhlangano kusasa eTucson, ngakho siyehla kulobubusuku emva kwenkonzo. Lokho nje kuthi akube amamayela ayikhulu namashumi amabili-nanhlanu, nokweluleka okude kogwadule, futhi ngiyozela futhi ngikhathele, ngakho ngizozama ukunidedela niphume.

10 Manje, ngishilo kulokhu ukusa, ukuthi njengoba ngilethe lowomprofethi esicongweni segquma, ngi. . . Lokho bekuyizolo ebusuku, bekungesikho na? Futhi kulokhu ukusa besikhuluma ngenye into. Kodwa akungikhathazi niba leyithi ngo. . . ngomsebenzi wenu, futhi akungikhathazi nigeja usuku ngasikhathi, kodwa ningawugeji uSonto sikole, niyabo, ngakho siyanifuna ngoSonto sikole.

11 Manje, kulobubusuku, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi ngomkhuleko. Ngifuna ukusho ngaphambi kwalokho nje, kulelikhwaya elincane elithandekayo,

lababantwana bakaNkulunkulu, ngibathokozela ngempela, ukucula kwabo okuhle. NoMfowethu Moore uphume wathi nyelele kimi, bengizobuyisela lenkonzo kuye. Kodwa wa—waphuma wathi nyelele, ngibona nje umkakhe othandekayo ehlezi lapha. Ngakho asikhothamise amakhanda ethu manje senzele izwi lomkhuleko.

12 Nkosi Jesu, siyeza futhi kulobubusuku, kuqala, ukunikeza izibongo kuWe ngakho konke lokho Osiphe khona. Futhi, ngaphezu kwakho konke lokho Osiphe khona, lokho kuPhila okuPhakade okumi qekelele, ngokuba siyazi ukuthi siyobuye sibonane futhi; kungasekhona kulomhlaba, emhlabeni ozayo. Manje busisa iZwi laKho kulobubusuku. Futhi siyaKubonga ngokuthi Ukubusise kanjani ukucula. Manje ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqhubeka ukuba ubusise ukucula, amaculo nabaculi, umelusi walelibandla, umsizi walo kamelusi, kanti futhi nabadikoni, abaphatheli, nakho konke lokho elikumele. Babusise, Baba.

13 Sikhulekela ukuthi Uzobusisa uMlayezo kulobubusuku, lamaZwi ambalwa aqokiwe. Sikhulekela ukuthi Uzokwenezela ingqikithi kuLo, futhi uzosipha okwezibusiso zaKho. Philisa bonke abagulayo nabahluphekile. Kwangathi owesilisa nabesifazane kulobubusuku bangabamba umbono, baqonde ukuthi luyini uhlelo lukaNkulunkulu lwalolusuku lokugcina. Yilokho kuphela esifuna ukukwenza, ngukungena nje ohlelweni lwaKhe, bese kuthi-ke ezinye izinto ziyozinakelela zona. Wasifundisa leyondlela, futhi si . . . Wathi, “Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, zonke ezinye izinto ziyonezelelwa.” Ngakho asibuye kulobubusuku, Nkosi, ezibusisweni zoMbuso, siye ohlelweni loMbuso, futhi sifunde kuWe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

14 Manje, ngithe nje ukusha izwi kancinyane ngenxa yokukhuluma kakhulu. Futhi ngiyazi kufudumele phakathi lapha futhi ngibezwela bonke abamile, ikakhulukazi lawomanenekazi elimi lazungeza izindonga, phandle egumeni, futhi ngizojaha ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka nje, ngokukhulu nje ukushesha engingakwenza. Futhi ngenkathi ngisafunda noma ngikhuluma, khumbulani nje, uNkulunkulu osezindaweni zonke uhlala njalo ekhona lapha. Futhi njengoba umfowethu eshilo ngesithuthwane sesikhathi esedlule silapha, uNkulunkulu angawuphilisa umdlavuza, ukuba nokukhubazeka, noma ngabe kuyini. Usevele ukwenzile. Uma nje Angahle akuthole ukuba ukukholwe lokho! Awusindisiwe kulobubusuku, usindisiwe, wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Futhi manje mhlawumbe kulobubusuku nizokwemukela leyonsindiso, kodwa isivele ikhokhelwe, isikweletu sesisuliwe. Nodeveli owakufaka esitolo esibolekisa ngemali kubanjiswe ngempahla, uJesu wafika wayesekuhlenga wayesevula gelekeqe iminyango,

nento kuphela ozodingeka uyenze ngukuphuma bese ubiza inkululeko yakho. Yilokho kuphela. Unerisidi evela kuNkulunkulu ukuthi isikweletu sesikhokhiwe. UJesu washo, emaZwini aKhe okugcina, "Kufeziwe!" Zonke izibusiso zokuhlenga zaqedwa nya. Ulaka olukhulu lukaNkulunkulu ngesono, ngenkathi Eba yisono ngenxa yethu, kwakuyiso, isikweletu saqedwa.

15 USathane akasenawo amandla, kuphela njengoba engawawaza ngokukhohlisa ngawo. Uma engawawaza ngokukhohlisa kuwe kukho, kulungile, uzofanele ube nawo. Kodwa, ngokomthetho, akasenawo nhlobo amandla, onke amandla ayenawo athathwa kuye eKalvari. Yilapho intengo yakhokhwa khona. Akalutho kodwa ukuwawaza ngokukhohlisa! Uma ufuna ukulalela ukuwawaza kwakhe okukhohlisayo, awu, kulungile. Kodwa, awudingekile, ukhululekile kulobubusuku. Ukwenze wakhululeka.

16 Futhi manje uma into ethize eZwini inganenza niqonde ukuthi senikhululekile ngomusa waKhe, noma uma okuthize, kuqonda, neZwi linenza niqonde, noma esinye isenzo sikaNkulunkulu, ukuthi sabandakanya nani, sisibandakanya sonke, manje-ke nivele nisemukele nje kulezozisekelo, futhi senikhululekile, futhi. Anidingeki ukuba nizwe noma yikuphi ukwehluka, anidingeki ukuba nizwe noma yini nhlobo. Akwesekeliwe phezu . . . UJesu akazange athi, "Nikuzwile na?" Wathi, "NiLikholiwe na?" Ngukukholwa! Lokho ngokwethu—lokho ngokwethu—kwethu . . . Ukukholwa yi—yingalo, ingalo enamandla ebamba iNkemba kaNkulunkulu ebukhali esika nhlangothi zombili. NaleyoNkemba ebukhali esika nhlangothi zombili iyosika kukhululeke zonke izithembiso, uma leyongalo yokukholwa ikwazi ukuzinikela kuleyoNkemba. Abany'abantu unenkathazo yenkonyane engenamandla impela futhi bangahle mhlawumbe nje bangajuqula umudwa omncane, owenele ukujoyina ibandla. Abanye bangafika ekulungisisweni. Abanye bangahamba yonke indlela baze bayofika embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Ingalo eqinile enkulu, ibambe leliBhayibheli, ingasika zonke izithembiso zikhululeke. Kunjalo. Ngakho qinani eNkosini!

17 Manje ngifisa ukufunda kulobubusuku engqikithini encane engi—ngilobe amanye amanothi phansi lapha. Itholakala ngale eNcwadini yabeHluleli, besahluko se 16 sabeHluleli, amavesi 27 nelama 28, ukudonsa ingqikithi yalokho engifisa ukukusho.

> *Manje indlu yayigcwele* isilisa *nabesifazane;* . . . *makhosi onke amaFilisti ayelapho; ophahleni kwakukhona* owesilisa *nabesifazane kungathi abayizinkulungwane ezintathu, ababebukela ukudlala kukaSamsoni.*

> *Futhi uSamsoni wakhala eNkosini, wathi, O Nkosi Nkulunkulu, ake ungikhumbule, ngiyakuncenga,... ungiqinise, ngiyakuncenga, kube-kanye kuphela, O* Nkosi *Nkulunkulu, ukuba...ngiphindise kumaFilisti ngempindiselo ibenye ngenxa yamehlo ami omabili.*

18 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo eZwini. Uma bengingayibiza ngendikimba, ngithanda ukuthatha lokhu kube yindikimba imizuzwana embalwa, "Nkosi, lokhu kanye nje futhi," *Kanye Nje Futhi, Nkosi.*

19 Kwakukhona kungathi, njengoba kusho umBhalo, kungathi amaFilisti ayizinkulungwane ezintathu ebuka phansi esemagalini aphakeme asestadiyamu, lapho ababili bengena estadiyamu esikhulu, noma ikolosiyamu inkundla enkulu; ophakimpi abahlonishwa ngokuphakeme, amanenekazi abo afake ubucwebe obuhle, lapho ehlezi kulendawo. Nommemezeli washo, ukuthi, "USamsoni ungena kwiphansi lendlu."

20 Afanele ukuthi asukuma, athi ukusondela phezulu kancane, azelula, njengoba kwakunjalo, izintamo zawo, ukuba athole ukubuka kahle. Futhi yini ayengayibona ngaphandle kwesigaxa yenyama yomuntu, indoda eyake yaba yiqhawe elikhulu, liholwa, ngokuphuphutheka, njengoba lalinjalo, liholwa ngumfana omncane owayelihola liphumela kwiphansi lendlu. Usuku lonke gulukunqu, amahholo ananela ngomsindo kusukela odongeni kuya odongeni nokuzitika kwabesifazane nesilisa abadakiwe. Kufanele ukuthi kwakukade kubukeka kanjani nje! Kufanele ukuthi kwafika ukuthula okunjani nje phezu kwendlu, ngenkathi lendoda, iholwa ngumfana omncane, isitha esilishinga kubo, siza siphumela kwiphansi lendlu, singenamehlo, sasidinga siholwe ngumfanyana. Indoda eyayikade iyindoda enesibindi kangaka! Indoda eyayikade iyiqhawe uSamsoni ayeyilo, futhi manje-ke wayesefanele aholwe ngumfana omncane, aphumele kwiphansi lendlu. Nendoda eyayiyinceku kaNkulunkulu, yalethwa kulesisimo, kulendawo yokuzitika kwabadakiwe.

21 Kwakungumgubho omkhulu kankulunkulu wabo, uDagoni, unkulunkulu wenhlanzi owayethole ukunqoba phezu kukaJehova. Ake sime umzuzu futhi sidedele lokho kubhoboze, egubha ukunqoba phezu kwebandla likaJehova. UDagoni, isithixo sabahedeni, unkulunkulu wenhlanzi wamaFilisti, uNkulunkulu ayemzonda. Futhi lapha ayesekuxokozeleni kwawo kokudakwa, egubha ukunqoba phezu kwenceku kaNkulunkulu inqotshiwe. Into embi kabi kangaka ukucabanga ngayo! Ngingathanda, uma bekunokwenzeka, ukuma ngithule imizuzu embalwa bese ngidweba isithombe salokho. Kodwa ake ukucabange nje engqondweni yakho, ukuba ubuzodingeka ume bese ubuka into efana naleyo. Ngizobe-ke senginibuyisela ngqo isithombe.

22 Cabanga nje, usuku lonke gulukunqu, bephuza, umgubho, abesifazane abagqoke kahle, isilisa, ophakimpi, amaqhawe, indoda enkulu yesizwe kubuthenwe kulendlu entsha lapho ababemise khona isithixo esisha kunkulunkulu wenhlanzi, bemnika ukuhlonishwa nodumo ngokunqoba phezu kwezinceku zikaJehova. Manje, ukukwenza kube kubi kakhulu, nakhu kufika indoda eholayo, isithunywa sosuku, namehlo aso esebhotshoziwe, siholwa yisandla somunye umfana omncane, ukusikhiphela estadiyamu. Umfana wasiholela wasikhiphela endaweni sikhubeka siphuphuthekile, futhi sengiyakuzwa ukunyenyeza kuvela e—endodeni enkulu kakhulu enkulu imi lapho njengomshini omkhulu, kodwa ithithibele thi. UNkulunkulu wayeyiphakamisele inhloso. Yathengisa ngobuzibulo bayo; futhi nansi imile, inguzunga yomshini ungenamandla kuwo, ihamb'iholwa ngumfana omncane. Kodwa akungabazeki, engqondweni yami, ukuthi uSamsoni wayecabange ngazo zonke lezizinto. Ngenkathi eselahlekelwe amandla akhe, wayecabange ngalokho okwakukade kwenzekile. Isifungo sakhe sasisusiwe kuye futhi wayesezinikele esitheni sakhe. Futhi wona, ngokushintshisa, ayesuse ukubona kwakhe emehlweni akhe. Futhi wathi kumfanyana, "Ngiholele esigxotsheni lapho insika indlu ehlezi phezu kwayo, nje ngiholele ngapha kulesisigxobo."

23 Futhi kucabangeni! Ayenaye phandle lapho, enza ngaye umdlalo, ebungaza lesosigejane esidakiwe. Ihlazo elinje pho lokho okwakuyilo! Ihlazo elinje pho lokho okwakuyilo! Lokho kuyisibonelo esinje pho! Uku. . . Kungibeka emqondweni wesizwe esehluliwe esibole ngokwesimilo, njengoba uSamsoni wayemi eceleni kwalensika, enzela isitha umdlalo. Ehliswe isithunzi futhi wephulwa, isimo esinje pho ayekuso! Sona impela isifanekiselo somusa sesizwe esiwileyo, isizwe esonakele ngokwesimilo, ibandla eliwile elithengise ngobuzibulo balo, liwele ekuboleni kwesimilo, futhi lazinikela esitheni. Isibonelo sikawonkewonke, nakuba waphakanyiselwa ukukhonza uNkulunkulu, kodwa ukuwela ekuboleni kwesimilo kukufaka kulesosimo. Isibonelo esinje pho lokho okwakuyiso!

24 Sengiyawezwa nje onke amaqhawe ezungezile, onke amanenekazi nobuhlalu bawo nezigqizo nobucwebe obuhle, kanjalonjalo, athi, "Ngakho lona nguSamsoni na? Lona yilowo onamandla enikhulume ngaye. Lona yileyondoda enathi umoya wonkulunkulu abakhulu wawuhlala kuyo. Lena yindoda eyayikwazi ukwengamela isizwe sakithi, owakhuluma ngayo, kodwa ake niyibuke manje!"

25 Isibonelo esinje pho! Isifundo esinje ebesifanele sibe kithi! Into enesizotha kanje obekufanele kube yiyo. Asifanele nje sisondele kulokhu njengokubuthana nje ukuba sibe nesikhathi esimnandi emgubhweni. Sihlangana ndawonye ukubona ukuthi simi kuphi, ukubona ukuthi kwenzekani kithi.

26 Futhi sengiyezwa, noSamsoni, akungabazeki, wayezwa ngakolunye uhlangothi, omunye, wabantu owayezwile ngaye. "Awu, futhi ngakho lona nguSamsoni!"

27 Ngiyamangala, namhlanje, uma isitha singeke naso, ngalesisikhathi, sisho mayelana nento efanayo ngomnyakazo wethu wePentecostal.

28 Ukukhuluma ngegama likaSamsoni nje, onke ayeshaywa wuvalo, ngoba wayeyinceku kaNkulunkulu egcotshiwe. Wazalwa enesiphiwo somNaziri, futhi ayazi ukuthi kwakungekho lutho olwalungamisa lesosiphiwo somNaziri inqobo nje uma wayesibambile. Wayeyindoda ekhethwe nguNkulunkulu yosuku, isithunywa esithunywe nguNkulunkulu sosuku. Amaningi awo acabanga ukuthi lokhu kufanele kube yini. Amaningi awo amkhumbula. Amaningi akhumbula, lapho ebuka lesisidalwa esithithibele simi lapho nezingalo zaso zizungeze isigxobo, siphuphuthekile. Ehlekisa ngaso, esibhaxabula ngeziswebhu, ethi, "Phuma, Samsoni, wena ndoda enamandla eqinile! Yenza okuthize ngakho! Wena eniqine kakhulu, uphi uNkulunkulu wakho na?"

29 Uma leyo kungesiyo nje cishe indlela isitha esithanda ukuyenza uma singakuthola phansi! Kodwa asilokothi ukuba sizame lokho inqobo nje uma amandla kaNkulunkulu esebenza ngeBandla. Si—besingesaba ukwenza lokho uma izibusiso zomNaziri siphezu kwakho. Kodwa uma singakubona ubhaxabulwa, yingaleyonkathi esihlekisa khona ngawe. Yingaleyonkathi esingathi akukho-mehluko phakathi kwawo nathi, angumuntu ofanayo nje njengoba sinjalo. Kodwa uma kukhona okwehlukile, into ethize egqamile ngezibusiso zikaJehova kukho, khona-ke ayesaba ukusho noma yini. Inqobo nje uma engabona lawomandla kaNkulunkulu esebenza, udeveli unomuzwa owenele ukugcina umlomo wakhe uvaliwe. Kodwa uma azi ukuthi wena wehluliwe, udedela bonke odeveli angabathola (abadedele) kuwe.

30 Yilesosimo uSamsoni ayemi kuso. Ake sicabange nje, njengoba ngingabona amaqhawe, amanye awo angomakadebona abadala enezibazi ebusweni bawo, lapho ebuka uSamsoni emi lapho, engenathemba futhi ethithibele, akhumbula embona ema ngesinye isikhathi nomhlathi esandleni sakhe, namaFilisti ayinkulungwane elele efile ezinyaweni zakhe. Futhi manje umfana omncane ehamb'emhola ngesandla. Ayengakhumbula ukuthi abuza kanjani emkhandlwini wawo, ngenkathi kufika izindaba zokuthi indoda, indoda nje, yathatha i. . . omdala osewashiswa yilanga, umhlathi othosekile womnyuzi.

31 Futhi, manje, abaningi benu uthathe umlando wamaFilisti. Lezozikhali lawo indoda ayezigqokile, isigqoko sesivikelo emakhanda awo zazicishe impela zibe yi intshi ubugqinsi zinethusi. Nebhantshi lawo ayeligqoka, ayeyindoda enkulu

enamandla, namachopho ethusi elinguhhafu we intshi phansi naphezulu emzimbeni wawo, ukuwemboza emkhontweni omude ozayo, noma u—ukushaya kanzima ngenkemba esika nhlangothi zombili eyayingawashaya ezinyaweni zawo.

32 Manje, yayingakwenza kanjani indoda, indoda eyodwa nje, nenkulungwane imzungezile, ihlome ngezikhali, namaqhawe egqokisiwe enemikhonto, lezozigqoko ezinkulu zezivikelo ukuthi yiso kuphela elalibonakala, indoda yayingawuthatha kanjani umhlathi womnyuzi futhi ushaye ulahle phansi inkulungwane yawo ngesikhathi esisodwa na? Ngani, ukushaya kokuqala ngalowomhlathi ovendlezelayo omdala, wawungabhiza ube yizicucu kwesinye salezozigqoko zezivikelo. Ayazi ukuthi ukuQina okuthize okungaPhezu kwemvelo, ngenkathi eshaya kuleloqhawe ekhanda, into yafocoka futhi yalibulala masinyane. Esokudla nesokunxele, washaya, futhi njalo uma eshayile, amandla kaNkulunkulu ayeshaya nawo.

33 Akuthathi yona, ebesingakucabanga, into enkulu, kuthatha kuphela i—isandla esigcotshwe ngokuphelele ngoMoya oNgcwele, ngamandla kaNkulunkulu, ukushaya ulahle phansi noma yisiphi isitha phansi kwanoma yisiphi isimo.

34 Nokuthi lawomaqhawe akhumbula kanjani! “Bekungenzeka ukuthi sinendoda engesiyo na?” amanye awo ayengahle asho. “Qhabo, yiyo leyo. Sengiyasibona nje isiqu sayo, lowo nguSamsoni, lo owayekhonza lokho athi kwakunguNkulunkulu weqiniso. Kodwa uNkulunkulu wakhe impela usemshiyile.”

35 Kodwa babenephutha! Kodwa uNkulunkulu wayengamshiyile, wayeshiye uNkulunkulu. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube yindlela ngabantu kulobubusuku. Akusuye uNkulunkulu oshiye ibandla laKhe, yibandla elishiye uNkulunkulu neZwi laKhe. Futhi yileyo indaba.

36 Qaphelani, amaningi awo akhumbula. Iqembu elama ngale kolunye uhlangothi, lathi, “Ngingakhumbula ngenkathi uDelila ethatha futhi embopha ngezintambo ngisho namahhashi ayengenakuzigqabula. Futhi ngenkathi simthelekela, ukuthi zaba kanjani njengemicu emincane, wavele nje wazigqabula zaba yizicucu. Futhi nangu umile, ehluliwe.”

37 Futhi elinye iqembu lalingakhumbula ngobunye ubusuku ezansi eGaza, ukuthi amvalela kanjani phakathi, kodwa wayesalokhu enalo ugcobo kuye. Futhi azama ukumvalela phakathi, ayesemvalela amasango. Athi, “Manje sizombhadama.” Kodwa uMoya weNkosi wabuyela kuye, wayesewaqukula onke amasango wayesenyukela egqumeni nawo.

38 Uma indoda isemgqeni womsebenzi kaNkulunkulu, akukho-sango, akukho lutho olungama endleleni yayo. Udeveli wazama ukubiyela ngaphakathi indoda kaNkulunkulu nabantu

ngoluny'usuku, ngoLwandle oluBomvu, kodwa yaqhubeka nje yedlula ngokufanayo nje. Lapho inqobo nje uma indoda isenkonzweni kaNkulunkulu, inqobo nje uma ugcobo nesibusiso siphezu kwayo, ayifanele ukwesaba lutho, ngoba Usethembise ukuthi Uyoba nathi, futhi akukho lutho oluzosikhathaza nhlobo.

39 Kodwa lesi yisibonelo ukuthi kwenzekani uma uNkulunkulu, ukubekezela kwaKhe, ekugcineni kuyakhathala nguwe. Manje, Uyabekezela, kodwa, khumbula, ukubekezela kwaKhe kunokuphela. Manje, uSamsoni wayenza okungalungile ngabo impela ubusuku ababa naye ezansi lapho, kodwa ekugcineni uNkulunkulu wayesenele yikho! Akamqondisanga. Umkhuleko wami ungukuba, ukuthi, "Nkulunkulu, ungalivumeli lelibandla lePentecostal lifike endaweni kuya lapho ukubekezela kukaNkulunkulu sekukhathele nguwe." Uyothuma izithunywa, njengoba sifundisile kuleliviki, evusa abaprofethi kusukela phansi eminyakeni, esho ngaphambili iZwi laKhe futhi ebuyisa iZwi laKhe, bese kuthi-ke ngokuqhubekayo usuke kulo. Uzozithola usuphuphuthekile, nawe, ungasenamandla, usuthithibele, wehluliwe, futhi ngiyesaba yilapho esiya khona. Niyabo, uSamsoni wathathwa ngubukhazikhazi. Yona impela into ibandla elithathwa yiyo, ubukhazikhazi. Kudabukisa kanjani ukubona lezizinto zenzeka.

40 Yebo, ngenkathi bezama ukubiyela ngaphakathi amandla kaNkulunkulu, bathola ukuthi babengeke bakwenze. USamsoni waqukula lawomasango ensimbi amakhulukazi, ayengasinda amathani, wenyuka egqumeni nawo wayesewabeka phansi. Impela, akukho-muntu owayezomlandela, bazi kangcono!

41 Futhi uma indoda iza ngogcobo lukaMoya oNgcwele, nangeZwi leNkosi, noISHO KANJE INKOSI, kungcono ube nomuzwa ongcono kunokuzama ukuLihlasela, ngoba uzothola ukuthi kunesandla sikaNkulunkulu ophilayo, futhi Siyasinda.

42 Kodwa sithola ukuthi kwakukhona elinye iqembu lapho ngoluny'usuku elimbonile esendleleni yakhe ebheke ezansi, nengonyama yaphuma yagijimela kuye, yase ibhonga. Nengonyama iyisilwane esiyingozi esingabulala indoda phakathi nokwehluka okungumzuzwana, amane noma amahlanu awo, ukuhhala okukodwa nje yilokho ekudingayo. Futhi lengonyama, iphazamiseka, futhi baqaphela isenzo lapho bebhekisisa ingonyama. Futhi ingonyama, mhlambe iphazamisekile, futhi yayithukuthele, futhi yamjombela uSamsoni. Futhi nango emi, ethithibele. Kodwa, khona manjalo!

43 O, UluSizo impela ngesikhathi sokuhlupheka! Khona manjalo! Yingani nina bantu abagulayo ningakucabangi lokho kulobubusuku na? Anikwenzi ngani nina enesaba ukuthi umuntu mumbe uzosho into ethize emelene nawe, into ethize

ngawe na? Bayisho ngoJesu. Khona manjalo, wayeyisikhonzi emandleni kaNkulunkulu! Futhi ngamunye wenu, ngokuvuma nokukholwa, uyisikhonzi kuwo onke amandla akhona, kokubili emaZulwini nasemhlabeni, ukuza phezu kwenu.

44 USamsoni, esami lapho, amandla kaNkulunkulu afika phezu kwakhe, nengonyama yamgxumela, wavele nje wayibamba ngomlomo wayeseyidabula yavuleka ngesandla sakhe. Futhi ngabe leyondoda eyayingenza into enjengaleyo . . . Nakhu kumi indoda efanayo, yehluliwe, ithithibele, futhi iphuphuthekile.

45 Futhi nginganikhomba cishe impela ebandleni elinjalo, elithithibele, elehluliwe, neliphuphuthekile, lenqaba izithembiso, lenqaba iZwi, ibandla uKristu ethembisa ukuthi lalizoba namandla phezu kokugula. "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni," liqukula udeveli futhi limukhipha, nezibusiso Azethembisa ibandla laKhe. Futhi ngoba ibandla lisukile emihlanganweni yomkhuleko, nasebuqothweni, futhi lenza inkolo kaKristu yaba yisiko, futhi likhiphe konke amandla okuqina kulo. Ubukhazikhazi bungena emabandleni ethu, futhi limi nje selithi alehlulwe. O, he!

46 Nango emi, ephucwe onke amandla, ngowesifazane, ngoba nje amehlo akhe ayehamb'efuna, ngoba omunye uJezibele onesimilo esibi wamisa inqubo ukuba anqobe inceku kaNkulunkulu.

47 Mangisho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba, kubunjwe inqubo kaJezibele, onqobayo, ebaletha ebafaka bonke enhlanganweni yamazwe, onke amahlelo, amaPentecostal nawo onke, eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, ongengaphezu kogibe lukadeveli, ukukwephuca lokho onakho. Khona-ke uyokuhleka. Akwephuce amandla, ngalowo wesifazane!

48 IPhentekoste, iminyaka embalwa edlule, kungengaphezu kweminyaka engamashumi amahlanu eyedlula, yama qekelele. Abantu bama ngokwehlukile. Baphuma e—emaqenjini ehlukene okwezwe, ngenxa yokwawo kwezwe, futhi yama qekelele njengesibonelo. NoNkulunkulu uthathe lelobandla, futhi namhlanje lingelinye lamabandla anamandla amakhulu kakhulu ezweni. Kodwa into eliyenzayo, liphenduke lajika laqonda ngqo labuyela futhi esibumbatheni esifanayo elabizwa liphume kuso. Futhi lapho liqala ukwenza lokho, amandla ayasuswa kulo. Siwutholaphi umhlangano womkhuleko wobusuku bonke na? Ake umshumayeli ashumayele kuze kucishe kube ngelokuqala noma elesibili nqo ekuseni njengoba wayejwayele ukwenza, uyobe eshumayela ezihlalweni ezingenamuntu, bafanele baye ekhaya futhi babone u *We Love Susie* noma omunye ekusakazeni okuthize kwethelevishini. Manje, lelo yiqiniso! Ngani? "Lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho ilapho." Ingcebo yethu ibifanele ibe seZwini!

Abantu base Arizona bangabahlwayi, benifanele nithi ukumba isikhashana, niyabo, nibone ukuthi kuyini okwenu.

49 Kodwa nakho kumi uSamsoni, ehluliwe, ephucwe ngowesifazane. Onke amandla akhe asuswa kuye ngoba wazinikela yena uqobo futhi wanikela ngemfihlo yakhe kowesifazane.

50 Manje, sithi nje singababakhulu ngokwenele ukuthi singasuka ekhonini bese sisuka emishini encane ndawondawo, sizama ukwakha amabandla elikhulu kunelomfo olandelayo. Sifuna ukukhanya sedlule iMethodisti, iPresbyterian, iBaptisti. Leyo akusiyo inhloso yenu! Lokho akusikho ukuthi yingani nibe yilokho eniyikho. UNkulunkulu usevele ube nakho lokho. Akaniphakamiselanga lokho. Waniphakamisa njengesibonelo ukuze abeke Amandla aKhe kini, ukuveza inkazimulo yaKhe.

51 Kodwa ake nje nidedele oRicky abambalwa bangene kulo, futhi bayolisonta balijikelezise futhi baphume balandele izinto zomhlaba ezihlotshiswe ngezimbali. Kakhulu onke amabandla lifuna umfana omncane othize abe ngumelusi walo, onezinwele ezinhle ezisongene, futhi nicabanga ukuthi wazi kakhulu ngaLo kunoma yimuphi omunye umuntu. Kodwa ake umzimba wakho ugule kanye, futhi animfuni omunye walabodokotela abancane osanda kuphuma nje esikoleni, uma uzoba nokuhlinzwa futhi uhlinzwe inhliziyo yakho, ufuna ikhehla eselinekhanda elimpunga, eselibe nesipiliyoni esithize. Ibandla elikudingayo kulobubusuku yiVangeli eliyifeshini endala elifakazelwe ukuthi lingamandla kaNkulunkulu, hhayi abanye balaba oRicky abancane amakholiji ethu abachamuselayo. Niyakwazi lokho. Yilapho esikhona kulobubusuku, yilezozimo esikuzo. Aninamsebenzi wokungena engxovangxoveni enjalo, empeleni. Naqala ukuwa khona lapho, futhi anikaze nibuye, futhi anisoze inqobo nje uma niqhubeka nokuhamba.

52 Senake nacabanga, ngenkathi lawomaFilisti lalimangala ngoSamsoni, senake nacabanga ukuthi yini eyayenzeka emqondweni kaSamsoni na? Nicabanga ukuthi yini eyayenzeka emqondweni waleyondoda na? Ngikholwa ukuthi wayecabanga, eselapho, nokho ephuphutheke ngci, engasophinde abone futhi, wayecabanga ngakho konke ukunqoba okukhulu uNkulunkulu ayemnike khona. Nango wayelapho, ecabanga ngezinsuku olwalukhona, ababevame ukukwenza.

53 Nalokho nje kuthi akube ngendlela umuntu ayiyo, njengoba ngishilo lapha ngesinye isikhathi esedlule. Umuntu njalo ucabanga emuva lokho uNkulunkulu akwenza, futhi ebheka phambili kulokho uNkulunkulu ayokwenza, kodwa enganaki lokho uNkulunkulu akwenzayo. Niyabo? Bukani ukuthi Wenzani manje! Siyakwazi Akwenzile. Futhi Uthumela kithi futhi uzama ukusishukumisa sime futhi, ezama ukusibuyisela endleleni yezinyawo eZwini laKhe, futhi eLifakazisa ngeZwi

laKhe eliqinisekisiweyo. Futhi siyahlala nje, silale, siye ekhaya, sithi, "Utheni na? Ngiyakuzonda ukuhamba ngibezwe beqhubeka isikhathi eside kakhulu."

54 Lokho kwakufika emqondweni wakhe, ebesingakubiza ngokuthi ngesakhe "isikhathi samandla empilweni," emuva ngenkathi wayeseMoyeni weNkosi, ngenkathi iNkosi iphendula umkhuleko wakhe. Ngisho naphambi kokuba akhuleke, inqobo nje uma wayephilela uNkulunkulu, uNkulunkulu wayengaso ngqo isikhathi. Wayengenasikhathi sokucabanga ngokuthi "Awu, manje, ngifanele ngikhuleke ngiqede manje futhi ngibone uma lamaFilisti ayinkulungwane . . . " Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye, kwakungekho kulahlwa, ngakho nje wadumela into yokuqala ayenayo esandleni sakhe, waya koshaya. Kunjalo. Akalindanga aze athole iZiqu zobuNgcweti, noma afunde ukuthi kwenziwa kanjani ukulwa kwababili, wavele nje wathatha lokho okwakusesandleni sakhe futhi waqala ukushaya ngamandla ngakho.

55 Kodwa namhlanje sesifundile ukuthi kwenziwa kanjani ukulwa kwababili zonke izivumokholo, nayo yonke into kanjalo, nokuqophisana nokulwa, asifiki ndawo. Singukuwawaza okukhohlisayo, njengoba kwakunjalo ngenzinsuku zikaGoliyathi. Mhlawumbe uNkulunkulu uzosithumelela uDavide ongazazi izivumokholo, kodwa owazi kuphela amandla kaNkulunkulu ahloliwe futhi avivinywa. Lapho lonke ibandla lalimile, lehluliwe, ngoba omunye umfo omkhulu wayememeza, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Kodwa akusebenzanga ngenkathi indoda kaNkulunkulu yenyukela lapho, omncinyane, omahlombe aqhothile, umfo owayebukeka ebomvana. Kodwa uNkulunkulu wayenaye, wayenesehlakalo.

56 Base bethi, "Thatha lesi lapha isivumokholo sebandla lethu, phumela lapho futhi uhlangabezane naye."

57 Wathi, "Angikaze ngiyilinge leyonto, angazi lutho ngayo." Kutholaka, ukuthi, ivesti yobufundisi kaSawulu ayizange iyenele indoda kaNkulunkulu, ngakho yavele yayintshinga into yase ithatha lokho eyayikwazi ukuthi kwakufanele.

58 Futhi, namhlanje, asizidingi iZiqu zobuNgcweti, noma—noma iziqu ezithize zobudokotela, ukuba singene kwelinye ibandla noma okuthize. Into kuphela esiyidingayo ngamandla nokuvuka kukaKristu ezimpilweni zethu, ukuthatha iZwi likaNkulunkulu, nothando lukaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu, ukuthi siqinisekile ukuthi uNkulunkulu uzokuphendula esikucelayo.

"Akayikubagodlela okuhle labo abahamba ngokuqondile phambi kwaKhe."

59 Manje, wacabanga ngezinsuku zakhe ezinkulu, ngenkathi kwakukhona izinsuku ezinkulu. Ibandla kulobubusuku

licabanga emuva cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu eyedlule, emvuselelweni yokuphilisa kukaNkulunkulu, yokunqoba. Manje, kanti futhi u. . . kukaNkulunkulu, nabantu baKhe ababehlulekile. Lokho bekufanele kube ngokuqinisile ngokwenele, ukuthi uSamsoni wayezoma futhi acabange ukuthi wayehlulekile kuNkulunkulu. Yena, kwakungesilo iphutha likaNkulunkulu ukuba ehlulwe, kwakuyiphutha lakhe uqobo. Nabantu, abantu bakaNkulunkulu, abaphakanyiselwa ukushumayela iVangeli kubo, emandleni akhe okuqina, nangokuqomisana nalona wesifazane owayeyisimukanandwendwe, owesifazane onesimilo esibi, wayelahlekelwe yiwo onke amandla okuqina uNkulunkulu ayemnike wona.

60 Kube njalo nangebandla! UNkulunkulu waphakamisa ibandla ukuba libe yisibani solwandle, ukudedela amandla aKhe, ukuphilisa abagulayo, ukuvusa abafileyo, ukukhipha amademoni, liphile ngobungcwele, lishumayele iVangeli eligcwele, liLibonakalise, kodwa siqala ukungena ngesinyelela futhi siwise imigoqo.

61 Sathatha isibonelo esingafanele. Abesifazane baziphathisa okomkamelusi. Wamdedela akangalawuleka, wagunda izinwele zakhe, ugqoka noma yiluphi uhlobo lwezingubo ezikhanukisayo, akazange amkhuze. Nabanye besifazane uthi, “Uma uDade *S’banibani* engakwenza, bengingakwenza nami.” Ungakwenzi lokho kube isibonelo sakho. Niyabo? UNkulunkulu wakutshela ukuthi yenzani, hlala naleLo.

62 Manje, manje-ke uma wenza lokho, wehlulekisa uNkulunkulu kanti futhi wehlulekisa abantu baKhe, wehlulekisa abantu baKhe. Uma ubehlulekisa, wehlulekisa uNkulunkulu. UNkulunkulu wakuhlalisa lapho ukuba ube ngumlindi, futhi uma ubona isono singena ngesinyelela, esikhundleni sokunquma into, bayayiyenga. “Uma onke amagosa libuthana ndawonye, sizoba ne—nento ethize, sizovotela lemfundiso ethize ukuba ikhishwe ebandleni, yokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Asi—siyifuni.” Ngakho-ke nizovota niYiphikise. O, i, yileyondlela okwenzeka ngayo.

63 IMethodisti, wena Methodisti wawuvamise ukuba nokuphilisa ngokukaNkulunkulu emabandleni. IPresbyetrian, iLuthela, naninakho kudala, nanivamise ukuba nokumemeza nokujabula. Kwenzekani kukho na? Nathola isigejane soricky abancane abangamakhulu ayishumi nesishiyagalombili nento abathatha into bayise ebukhazikhazini, futhi kwasuke kwahamba.

64 Nani maPentecostal wenze into efanayo! Kunjalo! Futhi manje nimi nje nehluliwe nje njengabo, nonke nahlelwa, “Futhi thina iqembu, sikholwa yi*lokhu*. Futhi uma ningesibo abakithi, nizoya esihogweni.” Futhi nenzani, niphikisana na?

Anifiki ndawo. UNkulunkulu akazibonisi Yena uqobo esekela nina, ngoba nimi nje nehluliwe njengabobonke abanye, ngoba nathatha indlela efanayo abayithathayo. Impela!

65 Manje wayeyisiboshwa se—esesizwe aphakamiselwa ukusibhubhisa. Nakhu kwakumi leyondoda enamandla imi lapho, isiboshwa saso impela isizwe aphakanyiswa nguNkulunkulu ukuba asibhubhise.

66 Angifuni ukunilimaza, kodwa ngethemba ukuthi kuyanisiza. Futhi nakhu kufika ibandla lePentecostal uNkulunkulu alivusayo, lihosheka enhlanganweni, lapho elabafaka khona, futhi manje usuyisiboshwa sesizwana esifanayo sasigodisinye. Manje, niyazi ukuthi lelo yiqiniso! Bese kuthi-ke uvumele omunye umuntu asho okuthize ukumelana nalo, usulungele ukubaphosela ngaphandle. Kucishe impela kube "impumputhe ihola impumputhe."

67 Futhi noma ubani uyazi ukuthi ibandla lePentecostal, eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlule, lalisola yonke into eyayizolihlela. Naningabafowethu nodadewethu, futhi nasiphila isikhathi. Futhi nanikhuluma ngebandla lesimodeni nezimfeshini zalo, nabesifazane indlela ababenza ngayo, nezimfeshini ababezenza, nowesilisa, nokwenzela phansi iZwi likaNkulunkulu. NoNkulunkulu wanibiza naphuma kukho. Futhi najika naphenduka ngqo nase nibuyela ngqo entweni efanayo uNkulunkulu anibiza niphume kuyo. Futhi sona impela isizathu uNkulunkulu aniphakamisela ukuba nibe yilokho, nimi niboshelwe esigxotsheni sehlelo elithize; nehlulwe nje njengoba uSamsoni wayenjalo, namehlo enu ebhotshoziwe, eZwini, nayoyonke enye into. Kunjalo. Kubi kakhulu. UNkulunkulu wanivusela ukuba niyehlule leyonto, futhi senijoyinane nayo.

68 NoSamsoni ufika ujika ngqo futhi waganwa ngowesifazane, waganwa kuyo impela into uNkulunkulu amdonsela ngaphandle kwayo. Nebandla, ibandla lePentecostal, lajika labuyela emuva ngqo lase ligana entweni ngqo uNkulunkulu amdonsela ngaphandle kwayo. Angesebenzane neqembu, uNkulunkulu usebenzana nomuntu ngamunye. Bekuhlala njalo kungumgomo waKhe. Amadoda amabili anemibono emibili ehlukene. UNkulunkulu uthola indoda eyodwa kowaKhe, yilokho kuphela Adingeka abe nakho, indoda eyodwa! Yilokho Azama ukukuthola namhlanje, Uzama ukuthola wena esandleni saKhe, Uyothatha eyodwa lapha neyodwa laphaya. Akusoze kwaba yiqembu, ngakho nje kukhiphe lokho emqondweni wakho.

69 Uma uhlela, ngayo leyonkathi ulahlekelwa ngobakho... ulahlekelwa ubuzibulo bakho. Ngifuna ukubuza noma yimuphi umuntu, sewake wayibonanini i—i—indoda ivuka nomlayezo kaNkulunkulu, futhi ithi nje ingasuka emhlabeni bayawuhlela futhi, bathi nje bangahlela, wafa futhi awangaphinde wabuya futhi. Akukho nayinye—nayinye indikimba yomBhalo

ayikho-ndawo, akukho nowodwa omnci umlando, akukho nelilodwa ivesi emlandwini, o—okhombisa ukuthi noma iyiphi inhlangano, kumbe noma yiliphi iqembu labantu elake lahlela, balahlekelwa amandla abo kamoya futhi abaphinde babuye futhi, futhi akukho ngisho nendlu kaNkulunkulu ophilayo, into yokulinganisa izinga lokushisa lokomoya amashumi amane lingaphansi kwezinga-qhwa ngaso sonke isikhathi. Kungaleyondlela-ke, "Isimo sokumesaba uNkulunkulu, bephika Amandla akho, labo-ke wobagwema."

70 UNkulunkulu, ngalezozinsuku, njalo wayevusa omunye owayezoyiqhumisa leyonto isuke ngqo esisekelweni sayo, bese ethatha iqembu elincane, ibandla elashiywayo, bese eliqhubekisela ekunqobeni. Uyokwenza futhi. Akaguquki, UnguNkulunkulu. UNkulunkulu ake asho noma yini, Angeke neze athola umbono ongcono. Khumbulani, lokho ukwethemba kwethu. UNkulunkulu wenzela umuntu indlela ukuba aMkhonze phansi kwegazi elichithiwe eEdene, Akakaze akuguqule. Angekuguqule. Uma Akwenza, Unombono ongcono kunoma Ayenawo okokuqala, ngakho Angebe nawo. Uhlala njalo eyindlela efanayo. UNkulunkulu njalo waphakamisa, isizwe esasichezukile, wathatha indoda wayeseyimisa phandle lapho wayeseletha iZwi likaNkulunkulu kuyo, wayeselahla yonke into. Wathatha kusukela lapho futhi wayeseqhubeka. Akasoze athatha inhlangano futhi akwenze. Uyothatha wena uma nje uyoMlalela, uzinikele.

71 Yebo, yona impela into azalelwa yona ezweni futhi wanikwa amandla ukuba ayenze, wama eyisiboshwa saleyonto efanayo. Babemenzisa amacebo okuphamba ombungazo, ebabungaza, amacebo okuphamba. O, he! Wavumela o—owesifazane amyenge amsuse eZwini likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu laliyimfihlo, kuye. Kwakuyisiphiwo somNaziri, futhi wayengafanele akutshele-muntu neze lokho. Kodwa wavumela isiyengo sowesifazane.

72 Futhi yilokho okwenzeke kithi namhlanje. Sithathe safaka izinto ebandleni lethu ebingesuye umKristu. Akukho-bandla elihlezi phandle elithi abekho abazenzisi kulelobandla. Konke ukufakelela kugcwele abazenzisi nazo zonke izinhlobo. Kunjalo. Kodwa ngizoninika lesisiqiniseko. . .Manje, lokho kusedlangaleni. Ungahle ube ngowedlangala eliyiMethodisti, noma idlangala eliyiPresbyterian, kodwa ungeke waba ngowe. . .

73 Ungeke walijoyina iBandla. Ungalijoyina idlangala, kodwa ungeke walijoyina iBandla. Uyazalwa kuLo. Futhi uma uzalwa kuleloBandla, akukho-mzenzisi kuLo. Yonke into phakathi lapho ingengcwelisiwe nengcwele, ngokuba nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, kuvalwe ngophawu ngoMoya oNgcwele. Udeveli ubengeke akuthole ukuba ubengafuna. Uzofanele eze ngomgwaqo ofanayo oweza

ngawo, futhi khona-ke ubeyoba ngumfowenu. Niyabo? Ngakho ungeke wakwenza.

74 Kodwa ungalijoyina isonto nganoma yini, ukuba nje uthole amalunga, izinqumo. Njengoba ngishilo izolo ebusuku, konke esikuzwayo namhlanje, kubonakala kungukubuthana okukhulu namhlanje, ukuthi “Amany’amaningi amalunga, amany’amaningi amalunga!” Amashadi, “Sibehlulile!” Baphiwe isipho ngoba baletha omuny’umuntu bamfaka kuSonto sikole, esuka kwenye inkolo waya kwenye. Futhi uyini uma usungene lapho na? Wezwani na? Omunye uJezibele omncane ozipendile exoxa ngezinsuku zakhe zokubonana kusasele ubusuku, noma enye—enye incwadi encane yokufunda ilenga odongeni. Futhi niyazi ukuthi lokho kuqinisile. NePentecostal ingena ngqo bushelelezi kukho! Udedele kwenye indawo ilungise incwadi yakho yokufunda, okufundisayo.

75 Into ephakeme kunazo zonke ebandleni yilunga elidala, hhayi umbhishobhi, hhayi elinye igosa noma okuthize, uNkulunkulu usebenzana nelunga elidala lalelobandla. Manje, linika ibandla lalo umlayezo walo, nalokho abakudingayo.

76 Yebo, wavumela owesifazane amyenge asuke eZwini likaNkulunkulu. Bakwenze kanjalo nanamhlanje! Bakwenza kanjani na? “Awu, manje buka, ngizokutshela Mfowethu u*S’bani-bani*. Manje, uyazi, labobantu laphaya, benza *lokho*, babhekisisa *lokhu*.” Leso akusiso isibonelo sakho!

77 UKristu uyisiBonelo senu. Wathi, “Ngininikile isibonelo.” Makabe yisiBonelo senu.

78 Into efanayo—efanayo emabandleni. Yilokho impela nje abakwenzile, bavumela uJezibele, unina wezifebe, iSambulo 17, wenza into efanayo, ulibuyisela ngqo ekushwibeni okudala okufanayo, manje liphuphuthekiswe yizinto zokomoya eyenzekayo. O, anicabangi kanjalo, kodwa ninjalo! Ningangitsheli. Niyabo? Kade nginqamula ngiya emuva naphambili kuso sonke lesisizwe iminyaka eyishumi nanhlanu edlule. Liphuphuthekisiwe! Izinto zikamoya, nibona uNkulunkulu eza futhi enza nje khona impela Athi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina, nithi, “Awu, ngiyakutshela, ngiyakholwa ukuthi lokho kungahle kube ngokuqinisileyo, kodwa i—inkonzo emva kwakho ayisiyo ekaNkulunkulu.” UNkulunkulu angawakhipha kanjani amanzi ababayo namnandi emthonjeni ofanayo na? Awekho lapho!

79 Yebo, liphuphuthekisiwe ezintweni zokomoya neZwi likaNkulunkulu, labuyela kuwo impela umgodi ofanayo abakhishwa kuwo. AmaPentecostal lazalwa liphuma enhlanganweni, nomuntu wawathatha wawabuyisela enhlanganweni. IPhentekoste iyisehlakalo inhlangano engenakuyimela, ngoba iyisehlakalo esiqondene nomuntu nomuntu ngamunye. Kunjalo. Manje ake niwabheke emi,

ehluliwe, lonk'iqembu. Abefundisi, angeke babenabo ebandleni labo ngaphandle uma benesehlakalo sasekholiji.

80 Omunye weminyakazo emikhulu yamaPentecostal ethu, ngoluny'usuku, badingeka bathathe izithunywa zabo zenkolo phambi kwesazi sezifo zengqondo ukuthola ukuthi ngabe i I.Q. yakhe [ukusebenza kwengqondo—TN.] iphakeme—phakeme ngokwenele yini ukuba abe yisithunywa senkolo, enye yezinhlangao zethu ezinkulu, babone ukuthi ngabe i I.Q. yabo iphakeme ngokwenele yini. UNkulunkulu wayengakaze abe nalutho olunjalo. Wathi, "Lindani phezulu lapho nize nembathiswe Amandla avela Phezulu." Khona-ke senine I.Q. yenu, okuthatha ukwenza lokho. Ababahloli ngalokho uJesu athi ababahlole ngakho. Babahlola ngokwemicabango yabo uqobo yezihlakaniphi, i I.Q. ukuba yisithunywa senkolo. UNkulunkulu akashongo ukuthi "banike amandla athize ezihlakaniphi," kodwa Wathi, "Niyokwemukela Amandla avela Phezulu!" Kodwa siyaqhela kuWo.

81 Khumbulani, ibandla eliRoma Katolika kuqala laliyibandla lephentekoste. Kunjalo impela, [uJesu esefile—TN.] A.D. 33. Kodwa ngenxa yokuthi oRicky bangena kulo, bahlakula indlela yabo badabula lapho, umuntu odumile, into yokuqala niyazi, eMkhandlwini waseNayisiya, lazithathela lelisu base behlela. Into yafa. Umprofethi wangempela waphila waqhubeka esikhathini sakhe saze saphela. Cishe iminyaka eyinkulungwane, ledlula onyakeni wesikhathi sobumnyama. Yilokho uNkulunkulu akukhombisayo, ukulahlwa kuyo yonke inqubo ekuqaleni. Kunjalo.

82 Abefundisi bedlula ekholiji, "Ngine Ph.D., noma i LL. D.," ngaphambi kokuba beluse ngisho ibandla; bakhombise ikhadi lenhlanganyelo. Umbhedo!

83 Umprofethi weNkosi waphuma ehlane, futhi akukho-muntu owayazi ukuthi uvelaphi noma wayaphi, kodwa wayeno ISHO KANJE INKOSI! UNkulunkulu wakufakazisa. Wayengekho nakuyiphi yezinhlangano zabo. Leyo yinqubo kaNkulunkulu. Kunjalo.

84 Abefundisi basekholiji, benzani na? Abesifazane abagqokise okwezwe, begqoke izikhindi, izinwele eziphunguliwe, nendoda engenawo uMoya owenele ngayo ukukugxeka.

85 Noma yiyiphi indoda, evumela umkayo enze lokho, idinga okuhle ukubhaxabula kweVangeli. Kunjalo. Uzifakazisa yena uqobo engohlazisayo, futhi wena uyakuvuma. Noma yiyiphi indoda ebiyokhiphela umkayo emgwaqeni, egqoke lawomabhulukwe amadadlana, baphuma lapha nawo, bempintshe kakhulu isikhumba ngaphandle, futhi behle ngomgwaqo kanjalo, ihlazo uqobo esintwini. Kimi, kukhombisa ukuthi kunokushoda kwento ethize ngaphakathi. Kukhombisa ukungabi nalutho.

86 Uma nifuna ukubukeka kahle, tholani okuncane kweZenzo 2:38, uJakobe omncane 5:14, ukuxube ndawonye, uJohane 3:16 omncane, na—nakho konke lokhu, futhi ukuxube ndawonye, lokho kuyoba yisimonyo esenele sakho.

87 UMax Factors, ngiyabona lapho kunamadola ayizigidi eziyikhulu, amadola ayizigidigidikazi eziyikhulu achithwa minyaka yonke nje emithini yokupenda izindebe zomlomo noma okuthize, enye yalezozinto; nezithunywa zenkolo ensimini, zibulawa yindlala; futhi nithi, "Yithina ibandla." Ngani, kungenza ngibe namahloni! Siyakubo bonke lobu bukhazikhazi, izinto ezinkulu. Wenzani na? Kukhombisa ukuthi senithathe umoya kaJezibeli, aninalutho!

88 Ngezwa umfundisi ngolunye usuku, indoda ekahle, ngiyayithanda njengendoda, ingeyenhlangano ethize, yakhe ngaphesheya komfula ukusuka kithi, futhi yayinohlelo lomsakazo. Iyabuya nje, yayixoxa ngalaba lapha besifazane egqoka konke lokhu lapha izinto ezil'uhlaza sibhakabhaka, ne—nezinto phezu kobuso babo.

89 Awu, ngethuka kwathi angife owokuqala engimbonile. NgangiseLos Angeles futhi ngangilinde uMfowethu Arganbright, usomabhizinisi ongumKristu. Ngabona owesifazane enyuka, ngacabanga, "Ntombazane ndini!" Ngi—ngiyisithunywa senkolo, ngilubonile uchoko futhi ngikubonile ukuba nobhubhane. Angikaze ngibone lutho olunjalo. Ngangizokwenyuka futhi ngimcele ukuthi ngingamkhulekela yini. Ngithola ukuthi, nakhu kwenyuka omunye, indlela efanayo. Angikusoli uzama ukubukeka ungcono kakhulu, kodwa ngempela yiba ngumuntu ngakho. Uyabo? Kunjalo!

90 Lendoda yathi benza izwe elihle ngokuthe xaxa ngenkathi benza lezozinto. Kimi, kwenza isigejane sabahedeni. Futhi, noma yimuphi owesifazane okwenzayo, kukhombisa ukuthi kukhona into eshodayo kuye, ukungabi nalutho obekufanele kugcwaliswe ngoKristu. Futhi noma iyiphi indoda eyovumela umkayo enze into enjengaleyo, ikhombisa ukuthi ayinalutho nayo! Noma yimuphi umshumayeli oyokumela ebandleni lakhe, ukhombisa ukuthi akanalutho futhi. Futhi noma iyiphi inhlangano eyokumela, ikhombisa ukuthi bafile. Kunjalo. Buyelani eBhayibhelini!

91 Nakho kumi uSamsoni, umuntu ohlushwayo wezinto ezinjengalezo, njengesibonelo kithi, indoda enkulu. O, he, ukuthi bamdedela kanjani akwenze! NjengoSamsoni wacabanga ngeziphosiso, wacabanga ngezinto ayezenzile, nokuthi wehluleka kanjani kuNkulunkulu. Ngiyamangala, ngabe kukekuse yini kubantu, uma nizwa imiLayezo enje emelene nakho na? Unkosikazi wathi kimi ngolunye usuku, wathi emva . . .

92 Omunye umuntu wayengimpongolozele, wathi—wathi, wangibhalela incwadi, wayesethi, "Billy, yini ungasuki kulabo besifazane mayelana nezinwele zabo eziphunguliwe, nendlela yabo yabo . . . " Wathi, "Abantu bakukholwa ukuthi ungumboni. Ufanele ufundise abesifazane ukuthi bazithole kanjani iziphiwo zokomoya ezinkulu, bese ukuyeka kanjalo lokho."

93 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa uma bengayikufunda ngisho noABC babo na?" Niyabo? Niyabo? Impela! Ungakwenza kanjani na? Isibumbatha sesono esinje, umaka waso uyakhombisa. Noma ubani uyazi ukuthi upende uluphawana lwabahedeni. Ngiyisithunywa senkolo. Upende wabahedeni! AmaNdiya ayependa ubuso bawo lapha eArizona ngaphambi kokuba azi uNkulunkulu. Selokhu amazi uNkulunkulu, awudingeki ukuba uphinde uwatshele ngawo, ayawususa. Kukhombisa ukuthi asempini noNkulunkulu. Ngenkathi ewususa, kukhombisa ukuthi asekuthuleni noNkulunkulu.

94 Sizibiza ngesizwe esingamaKristu, sibiza abantu bethu ngabantu angamaKristu. Ngama eAfrika ngeliny'ilanga lapho iNkosi yayibuyise indoda empilweni eyayikhubazeke kakhulu, umfana oncane ophambene amehlo, nezinto Ayezenzile lapho cishe esikhathini esiyimizuzu eyishumi nanhlanu. Futhi ngabuza, "Bangaki," ezinkulungwaneni ezingamakhulu amabili namashumi amahlanu engangikhuluma kuzo eThekwini, "abazokwemukela iNkosi uJesu na?" Futhi baphakama, siche izinkulungwane ezingamashumi amathathu nento.

95 Bathi, nganginabahumushi abayishumi nanhlanu, bathi, "Babechaza ukuphiliswa ngokwenyama."

96 Ngathi, "Bengichaza insindiso!" Ngakubeka ngabahumushi futhi. Ngathi, "Bonke abangiqondayo . . . " Babephethe izithixo ezincane zifafazwe ngegazi, umuthi othiwa yiso lenyamazane, zonke izinhlobo zenkoloze, amazipho ebhubesi. Ngase ngithi, "Nina enikholwayo futhi enifuna ukusuka kwizinkoloze zenu futhi nikhonze uNkulunkulu okwazi ukwenza lendoda iphile, emi lapha njengoba niMbonile enza namhlanje, futhi waze wambuyisela ngisho emqondweni wakhe osile, uma niMfuna njengoMsindisi wenu, khombisani ubuqotho benu, bhidlizani isithixo senu phansi." Kwakunjengesiphepho sezintuli.

97 Futhi bemi lapho, abesifazane ababenqunu, ngaphandle kwesiqeshana sengubo esasilenga phambili kubo, konke kwenyukele okhalweni lwabo kwakunqunu. Ngase ngithi, "Phakamisa isandla sakho bese ukhuleka umkhuleko wesoni, futhi uthi, 'Nkulunkulu, ngihawukele, isoni.'" Ngase ngithi, "Phezu kwezinkundla ezifanayo enimi kuzo, phakamisani izandla zenu manje futhi nemukele umbhaphathizo kaKristu kaMoya. Abanye abefundisi lapha bazonibhaphathiza ngombhaphathizo wamaKristu." Futhi ngenkathi bephakamisa

izandla zabo, labo besifazane ababengazi isandla sokudla nesokunxele, bangena lapho benqunu ngokuphelele, kodwa ngenkathi sebesuka baze basonga ngisho nezingalo zabo ukuba basuke ebukhoneni besixuku. Isikhathi esingumzuzu owodwa noJesu Kristu sabenza bazi ukuthi babenqunu.

98 Futhi namhlanje, unyaka nonyaka, sihhundula eziningi futhi sikhumule eziningi. Futhi, o, angizange. . .Bese-ke nikubiza ngoNkulunkulu na? Kwenziwe yini na? Inhlangano yenu enivumela nikwenze. Kunjalo. Inqubo owaphakanyiswa ukuba uzihlanze uphume kuyo, uyibuyisele emuva ngqo wayifaka futhi. Ngithemba ukuthi angizwakali ngithuka okungcwele, ngithemba ukuthi ngi. . .Akusikho ukuthuka okungcwele, yiZwi leNkosi. Impela, yilo!

99 Manje, manje sithola ukuthi ngenkathi uSamsoni emi lapho ebuka phezu kwesiphosiso sakhe, ebuka okwenziwe, kunembeza wakhe wangaphathi, ukuthi waye—wayehlulekile kuNkulunkulu, wayehlulekile kubantu bakaNkulunkulu. Futhi nango emi njengesibonelo, ecabanga emuva kulokho ayeyikho futhi ecabanga manje ukuthi wayeseyini. Futhi ngenkathi enza lokho, wamemeza!

100 O, ukuba ibandla, kulobubusuku, belingama lithule umzuzu futhi libuke emuva osukwini lwePhentekoste, libuke emuva kulokhu esaqala kukho, futhi liqonde isimo izivumokholo zethu nokuqophisana okusifake kukho. Memezani futhi! USamsoni wakhala, "Nkosi Nkulunkulu, phindisela ngamehlo ami amabili!" Uma besingakhala lokho kukhala okufanayo kokuzisola, "Nkosi Nkulunkulu, lezizinto ingihole ngiyimpumputhe zonke lezizikhathi!" Wayazi ukuthi kwakunentengo ekhokhwayo. Seniyakwazi manje.

101 UMeda, umkami, wathi kimi, wathi, "Buyela emuva ngokunqamula ezizweni, uya emuva naphambili sonke isikhathi, ushumayela, buyela emuva ngqo, abantu nje benza into efanayo. Futhi kusiza ngani na?"

102 Ngathi, "Ngosuku lokwahlulelwa, kuyobakhona ukuqopha ngeteyipu eteyipini enkulu kaNkulunkulu." Awusuye ongazazi lezizinto. UNkulunkulu uyoLiqhumisa esibhakabhakeni. Uzoba nePhimbo lapho ukulahla izwe ngalo, nePhimbo yiVangeli.

103 "Ngiphindiselele, Nkosi, ngezitha zami. Phindisela ngokubona kwami! Baligwaza, Nkosi, futhi nakhu ngimile." USamsoni futhi wazi ukuthi kwakunokwenzeka ukuthi uNkulunkulu wayengahle amuzwe futhi. Ngisho nasesimweni sakhe, kwakunokwenzeka. O, bandla, kunokwenzeka kungakhathaleki ngakho konke abakwenzayo. Njengoba sizwa namhlanje, kaningi kangaka, "Izinqumo eziningi kangaka ezenziwe, izinqumo." *Izinqumo* kusho ukuthi "itshe, ukuvuma." Njengoba ngishilo ngaphambili, lisiza ngani itshe uma ungenaye umuntu owakha ngamatshe lapho ngeZwi elibukhali ukusika

lelotshe libesetsheni elibekiwe lendlu na? Kusiza ngani ukwenza izinqumo uma usalokhu uvumela abesifazane nesilisa bahlale babe yilokho ababeyikho, futhi nje bajoyine isonto na? Inqwaba yamatshe engalolongelwe lutho. Esikudingayo ngumuntu owakha ngamatshe, indoda eneZwi likaNkulunkulu, amandla aqinisekisiwe ukufakazisa ukuthi uNkulunkulu wamthuma, ukuzamazamisa leloBandla futhi kusikwe kususwe izinto zezwe, futhi libabumbele ematsheni amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aya endlini yaKhe. Impela kunjalo. O, he!

104 Wayekwazi okunokwenzeka, nokho, ukuthi kwakungabakhona uNkulunkulu oyozwa umkhuleko. Ukuba kuphela besingenza lokho kulobubusuku! UJesu wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, i. . . UJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." UJesu washo, noma iBhayibheli lasho, kumaHeberu 13:8, acashuniwe esikhashaneni esedlule, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi sibiza lokhu kuphila kwehlelo okukithi ngokuPhila kukaKristu, futhi senze izinto esizenzayo na? "NiNgibizelani nithi 'Nkosi,' futhi ningagcini imiyalo yaMi na?" Niyabo? "Nikubizelani lokho na?"

105 O, uma ungenawo amalunga amahlanu ebandleni lakho, thola iQiniso kukho, okunokwenzeka. Nokufanayo manje, okunokwenzeka. Kodwa bona abanamuhla ababonakali bebamba umbono njengoba kwenza uSamsoni. Ababonakali bekuthola, cabanga, "Awu, ngizinze kahle impela, futhi sinamabandla amahle, futhi asinalutho . . . " Niyabo?

106 IBhayibheli lathi, "Lelo elicebile, ibandla lonyaka waseLawodikeya lalingayikuswela lutho, futhi lingazi ukuthi lalihambaze, eliphuphuthekile, elokuhawukelwa, kepha alazi ngisho." Manje, uma ubone umuntu ehla ngomgwaqo, obehambaze futhi ephuphuthekile, futhi ungabatshela ukuthi bebekulesosimo, bebehambaze, bebefanele baye ndawo ndawo futhi bacashe, awu, kunokwenzeka ukuthi ubungamsusa umuntu emgwaqeni. Kodwa uma bejika, bengenawo amandla engqondo enele ukukwazi; kodwa manje ibandla alinawo amandla okomoya enele ukukwazi. Lihambaze, elokuhawukelwa, liphuphuthekile, lilusizi, limpofu. UKristu engaphandle, engqongqotha, ezama ukungena, futhi nokho wena uthi awusweli lutho.

107 Ngiyazi ukuthi lokho akwaziwa kwabanye benu, kodwa kuyiQiniso likaNkulunkulu. IZwi lisho njalo. Abawubambi umbono. Ungabatshela ngawo, kuvele kwesuleke nje ngqo. Mhlawumbe ngayo leyonkathi kunokuhlabeka okuncane, kusasa sekukhohlwakele konke ngaLo, babuyela ngqo ephathini yabo yamakhadi, nasosonke isitishi sabo nokuthunga, futhi—futhi bakuzozonke lezizinto, futhi leLo selikhohlwakele lonke ngakho.

108 UNkulunkulu angenza into ethize enye yomuntu mumbe, futhi, "O, awu, kwenzekile nje." Niyabo, udeveli nje usewufake kakhulu uphoyizeni engqondweni yabo ngezinto, sebeze abazi ukuthi bakuphi qobo lwabo. Bahlala bampintsheke! O, bangashaya izandla zabo, futhi bampompoloze "amen," basine eMoyeni. Lokho akusho neyodwa into. Ngibabonile abahedeni benza lokho. Kunjalo. Babenemibuthano emikhulu, o, uthi, "Sisenayo imvuselelo, Mfowethu Branham." Ehhe, nhloboni yemvuselelo na? Ninemibuthano yebandla.

109 Kwakusezansi eKentucky, sasivamise ukukubiza ngokuthi, "Imihlangano eyindendende," futhi lokho kuthi akube yilokho okukwenzayo, okuyindendende. Futhi bavela kude ekuheheni eVangelini. Kunjalo. Yebo, bathi, "O, besinomhlangano. Uyazi ukuthini? SinoDokotela *S'banibani* ukuba angene edolobheni, futhi sibe nezinkulungwane. Onke amabandla abambisana ndawonye." Senzeni, sinemvuselelo na? Buyiselani abantu eZwini likaNkulunkulu, noNkulunkulu uhamba eyosebenza ebandleni na? Senzeni na? Sinesigejane sokubuthana ndawonye, nokubenyezela ngokucwebezela kokwezwe, kunjalo impela, umfundaze, okombukisi waseHollywood.

O, wena uthi, "Lokho ngamaBaptisti."

110 Lokho ngamaPentecostal. Kunjalo! Phezulu emsamo, abesifazane begxuma futhi besina, nokubukeka kabi kabi, efake ingubo endadlana empintshayo, ukuthi, kungamahloni. Angikwazi ngisho nokuthola amagama khona manje. Kungamahloni. Indoda ihlezi lapho, impompoloza, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!" Hlobo luni lukamoya eninalo, empeleni na? Nicabanga ukuthi uJesu ubengayihlokomela into enjengaleyo na? Ubeyoyigxeka! Nicabanga ukuthi uIsaya wavuka enkundleni, uJermiya, uAmose, omunye walabobaprofethi beTestamente eLidala wavuka enkundleni njengoba benza, futhi babona izinto abazibona zenzeka, ukuthi bamemeza kanjani ngokumelana nakho, wathi, "Yena impela uNkulunkulu enizisho ukuthi niyamkhonza uzonibhubhisa." Ubeyosho into efanayo namhlanje. Impela ubeyokwenza!

111 Lokho akusho-nto, okombukisi. Sineningi kakhulu iHollywood, kodwa akulethi uMoya namandla kaNkulunkulu ehle. Kungahle kulethe intshisekelo, kodwa akulethi amandla kaNkulunkulu.

112 Abavumi ukukhokha intengo. USamsoni wakhuleka kahle. Wakhuleka ini na? Sengivala, ngingahle ngisho lokhu. "Nkosi, mangife nesitha." Yileyo inkathazo, abafuni ukukhokha intengo yokufa. Usuzithole wena uqobo usetshenzwe emphakathini, esigejaneni sabantu ozihlanganisa nabo futhi udlale amakhadi, uhlale ekhaya ubukele izinhlelo, udle amashipsi ayi "zicucu" futhi uphuze amaCoke. Ibandla lihlale lingenalutho. Kunjalo. Bakwenze usayine ikhadi, uyoza ezinyangeni eziyisithupha

onyakeni kuSonto sikole. Intshisekelo enje pho eyenziwe ngumuntu! Enikudingayo nguMoya oNgcwele. O, wena uthi, “NginaWo.” Impela awenzi njengawo. Yebo, mnumzane. Umshumayeli ake ashumayele ihora noma okunye okuthize okufana nalokho, senilungele ukubiza ibhodi yabaphatheli bese nimphosa phandle. Kunjalo. O, u—ufuna ukudla ikhekhe lakho ubuye uligcine futhi. Ungeke wakwenza lokho. Qhabo, mnumzane. Ufanele uzinikele wena uqobo. Unentengo ofuneka uyikhokhe. Unokuhlanza ofanele ukwenze. Futhi ngiyanitshela, lonke izwe lebandla lidinga ukuhlanza kusuka le epulpiti kuya ekamelweni lomlindimnyango. Kunjalo. YiQiniso. Bengavumi ukukhokha.

113 Kodwa uSamsoni wakhuleka kahle ngenkathi ethi, “Nkosi, mangife nalamaFilisti.” Wayehlulekile, kodwa, “Mangife.” Ufanele ukulungele ukufa esitheni esinalokhu ukunqoba phezu kwakho. Ufanele uvume ukunikela ngemibono yakho uqobo. USamsoni wayevuma ukukhokha intengo ukuba athole—ukuba athole amandla kaNkulunkulu futhi.

114 Angazi noma ngabe nina besifazane niyavuma yini ukuyekela izinwele zenu zikhule na? Angazi noma ngabe wena mlisa unesibindi esenele yini ukumtshela lokho na? Ufanele ukuba yinhloko yendlu. Yena uyintamo, ujikisa wena. Lokho kuphambene! Nicabanga ukuthi imvuselelo ezamazamisayo ibiyoke ithathe laba besifazane ibakhiphe kulamaofisi omphakathi, amaphoyisa emigwaqeni nezinto na? Ufanele ukuba sekhishini. Nicabanga ukuthi beniyoke nize nikwazi ukumbuyisela kulokho futhi na? Qhabo, mnumzane. Akasoze akwenza, ngaphandle uma ethola ukusindiswa, khona-ke uyokwenza. Awuyikudingeka umtshele lutho ngakho, uyoyifumana indawo yakhe, uMoya oNgcwele uyomholela endaweni yakhe. Kodwa uthi, “UMoya oNgcwele uyangihola na”? Kulokho okuphambene neZwi na? Ungakubizi lokho ngoMoya oNgcwele.

115 Uyavuma yini ukukhokha intengo na? Lokho kuse... ibandla lePentecostal, uyavuma ukukhokha intengo na? Futhi ilokho. Uyabona ukuthi hlobo luni lwamahloni omi kulo. Kulungile. USamsoni, evuma ukukhokha intengo ukuba athole amandla kaNkulunkulu futhi. O, ngizwa abanye benu bethi, “Sinemvuselelo, nokho, Mfowethu Branham.” Kodwa nitholani emva kokuba nithola imvuselelo na?

116 UBilly Graham wathi emlayezweni wakhe, eLouisville, eKentucky, ngenkathi ngihlezi e, naye ekudleni kwasekuseni, wasukuma lapho, wayesethatha iBhayibheli wayesethi, “LeliBhayibheli yiyonandlela kaNkulunkulu yokwenza izinto.” Kuliqiniso kanje lokho! Kodwa manje-ke lenze, yinto elandelayo. Wathi, “UPawulu wangena edolobheni wayesenza ophendukile, washiya lowo ophendukile lapho, oyedwa ophendukile edolobheni. Ngonyaka olandelayo wabuyela,

nalowo ophendukile wayesenabangamashumi amathathu noma abangamashumi amane abaphendukile, futhi wabaletha kuKristu.” Wathi, “Ngiya edolobheni, futhi ngenzani na, ngibe nokuphenduka kwezinkulungwane ezingamashumi amathathu, izinqumo.” Wathi, “Ngibuya phakathi konyaka, anginawo amashumi amathathu.” Wathi, “Yin’indaba na?” Wayesekhomba abashumayeli-ke, wathi, “Yini bashumayeli enivilaphayo, nihlala nezinyawo zenu ziphezu kwedeski futhi ningayi ukuyovakashela abantu.”

117 Manje, leyo kwakuyinqwaba yeqiniso kulokho, kunjalo, kodwa kwakungesikho iqiniso konke. Njengendoda idla ikhabe, yathi, mlumise, umuntu omnyama omdala, wayesethi, “O, lelo belimndani, kodwa ngempela liseliningi.” Futhi kunjalo.

118 Futhi nakhu okwakuyikho. Ngangingubani mina ukuba ngisho kulowomvangeli omkhulu, ngangingubani mina ukuba ngikhulume izwi kuleyondoda enjengoBilly Graham na? Makube kude nami. Leyo yinceku kaNkulunkulu. Ngangingekhulume ngakho ngaphandle uma wayengangicela, futhi mhlawumbe ngangingasho okuthize. Kodwa ngangingathanda ukusho lokhu, “Billy, yimuphi umshumayeli oyivila owayelokhu ebeke izinyawo zakhe phezu kwedeski ekuphendukeni kwabakaPawulu, oyedwa ayenaye na? Wayengesuye umshumayeli ezweni. Kwakuyini na? UPawulu akazange amshiye esinqumweni. Ngenkathi enza isinqumo sakhe, wama lapho neZwi likaNkulunkulu wayesemnquma eba yindodana kaNkulunkulu, khona-ke wawungeke ulokhu umthulisa.”

119 Yileyo indaba namhlanje, zonke lezizinqumo sidinga ukugawulwa sibe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ahlanzwe, futhi abuyele eZwini futhi abuyele eVangelini. Impela, yilokho esikudingayo. Yebo, sinemvuselelo namhlanje, kodwa kuyini na? Yimvuselelo yehlelo. IBaptisti yayinesiqubulo, “Esinye isigidi ngo ’44.” Ubungatholani na? Kwakusebandleni lapho ababenemvuselelo khona, basho, futhi badingeka-ke baphume ukunikeza isikhawu imizuzu eyishumi nanhlanu, ukuba abantu baphume futhi babheme phakathi kukaSonto sikole nalokho. Futhi, umelusi wabhema, naye. IBhayibheli lathi, “Zihlanze kuyo yonke imikhuba engcolile.” Niyabo? Manje sizokwenzenjani ngakho na?

120 Awu, wena uthi, “Akulungile.” UMoya oNgcwele, uma Ufika, Uyonifundisa zonke lezizinto. Niyabo, impela wakwenza.

121 Nomunye washo into ethize ngokuphilisa kukaNkulunkulu, futhi basho ukuthi, “Kwakukolunye usuku.” Niyabo, bekhomba besuka kulokho okwakuyikho. “Mhlawumbe kuyoba ngale esikhathini seminyaka eyiNkulungwane.” Nikudingelani ukuphilisa kukaNkulunkulu esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, nibe seningasayikufa na? Lunamhlanje usuku! Yilolu usuku.

122 Uthi, “Awu, sinezimvuselelo.” Bukani ukubola kokuziphatha ebandleni. Bukani ukuthi konakalisa kanjani minyaka yonke. Bukani amaqembu ethu amaPentecostal, ukuthi liwa kanjani. Valani amehlo enu futhi nicabange ngakho iminyaka eyishumi nanhlanu edlule ngenkathi ngilapha, bese-ke nibuka phandle bese nibona ukuthi ninani namhlanje. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso! Yisono nehlazo. Kunjalo. Beya ngokuqhela ngokuqhela eZwini likaNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi.

123 USamsoni wayesazi isimo sakhe sokuhlubuka. Wayazi ukuthi wayengeke abe namandla ukuhlangabezana nenselelo yehora, nakuba wayelapho. Konke okwemishini yakhe kwakulapho. Izinkonyane ezifanayo ezazikwazi ukuthatha umhlathi futhi zishaye zilahle phansi isigidi samaFilisti, izinkonyane ezifanayo zilenga endodeni efanayo. Amahlombe afanayo ayekwazi ukuthwala amasango aseGaza enyukele esicongweni sentaba, kwakuselokhu kuyizinkonyane ezifanayo zilenga kuye. O, bengingasho into ethize lapha, niyabo. Kodwa wazi ukuthi wayengenakuhlangabezana nenselelo yehora.

124 Kanjalo nebandla liyazi, ekonakaleni kwalo kwesimilo esibi, asisoze sahlangabezana nenselelo yehora. UbuKhomanisi bengamela yonke into. Futhi sizama ukwenzani na? Sithole induduzo, ngokujoyinana nabo, siboshelwa ejokeni nalababantu, amahlelo angakholelwa ngisho nasekuphiliseni kukaNkulunkulu namandla kaNkulunkulu. Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na? Sizibophela thina ngqi ejokeni nezinto ezinjengalokho, bese-ke silindela ukuthi uNkulunkulu . . . Sithi, “Izibalo ezinkulu.” UNkulunkulu akaqapheli izibalo ezinkulu. UNkulunkulu ubheka isimilo.

125 Ngathi uEliyezeri wakujulukela waze wathola isimilo kuRebeka. Khona-ke wadingeka amgqokise, alungele, ame athule futhi alalele uMlayezo wakhe. Inkathazo yakho ingukuthi, namhlanje, uma uthola isimilo, kul’khuni ukubenza bame bathule isikhathi eside ngokwenele ukubembesa izingubo nokubagqokisa. Kunjalo. Omuny’uRicky omncane usevele ubadonsele eceleni ngakwelinye icala. Kunjalo. Kodwa, lapho, uEliyezeri wakujulukela.

126 Manje, uSamsoni wayazi ukuthi wayengenawo amandla, nakuba wayenezinkonyane. Futhi sinazo zonke ezemishini yethu. Sinamakhulu amagosa esigodi, sinabo bonke ababhishobhi, sinababhishobhi abakhulu, sinophapha, sinokukhulu ukubusa ezindabeni ezingcwele. Sinazo zonke ezemishini. Sinezakhiwo ezedlula zonke, izakhiwo ezinkulu kunazo zonke neningi yemali yomhlaba. Kusiza ngani kithi na? Kuyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Kunjalo. Kodwa siyazi ukuthi asikwazi ukuhlangabezana nenselelo yehora.

127 Namhlanje, eRashiya, ubuKhomanisi buthatha izwe. Yin'indaba na? Kungumuntu-mumbe onesibindi sokusukuma phansi kwakholelwa yikho, nakuba kuyiphutha. Ipesente elilodwa kuphela leRashiya liyiKhomanisi, ipesente elilodwa! Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye kuseyilokho okubizwa ngobuKristu, obukhululekile, kodwa abanayo i I.Q. yeVangeli. Abanakho ukuthi kuthathani, nanokuba benayo imali futhi banakho konke lokhu, kodwa abanaso isibindi nomusa. Okudingwa nguNkulunkulu eRashiya yindoda eyodwa egcotshwe ngamandla kaNkulunkulu, inamandla kaMoya oNgcwele.

128 USamsoni wayazi ukuthi wayedingani. Singahle sijikise yonke iMelika ibuyele emuva, nawo wonke umuntu aye esontweni, sisalokhu singenawo. Sine. . . ayinakho ukuthi kuthathani. Abafundi babengenaWo baze baya ePhentekoste. UJesu wabatshela ukuthi babengenaWo, emva kokushumayela iminyaka emithathu. Babesalokhu beWudinga. Ibandla liyaWudinga. Kunjalo.

129 Qaphelani, uSamsoni wayazi ukuthi wayesekudingeni, wayenganele. Amahlelo angeke aWuveza. Awaliqinisekisi iZwi, akushumayela amelane naWo. Ya. Niyazi, kodwa uSamsoni ekuqonda lokho, ukuthi wayenganele kuye uqobo, nanokuba wayenakho konke ukubusa kwakhe, wayesalokhu enganele. Mbhekisiseni! AmaFilisti enamela ukunqoba kwawo. Awazange amqaphele ejikisa ikhanda lakhe elibhekisa phezulu, izindebe zakhe ziya emuva naphambili ngomkhuleko, izinyembezi zehla ziphuma ezingoxeni lapho ake aba namehlo khona. Awakuqaphelanga lokho. Avele nje. . . ayenesikhathi esikhulu kakhulu. Wayefuna uNkulunkulu ukuba azibonakalise Yena uqobo futhi kuloJezibele. O, ukuba besingahle sibe noSamsoni abavukayo! O, bandla! Hhayi ihlelo elisha, kuqale esinye isivumokholo noma imvula yamuva. Sidinga amandla kaNkulunkulu. Kunjalo.

130 Wayenokwazi ukuthi kwakuzokwenzekani uma uNkulunkulu eke waze wawuphendula umkhuleko wakhe, kodwa wayekulungele ukubhekana nendabamlonyeni. Wayesesiqiniselweni sangempela ngempela. O, uma ibandla, kulobubusuku, belingama kuphela kulesosimo, esiqiniselweni sangempela ngempela, wazi ukuthi uzofanele uyeke yonke into oyithatha ngokuthi iyigugu kulelizwe. Uma abesilisa nabesifazane sebelungele kulobubusuku ukwazi ukuthi kuzonehlukanisa nazo zonke izinto zezwe. Abefundisi, bazoyeka ukunimbambatha emhlane futhi benitshela ukuthi, "Dokotela u*S'bani-bani*, bekumangalisa, ungaya kobhukuda nathi kulentambama na?" Nithathe imidlalo yokuwaka niyikhiphe ebandleni, nemijaho, futhi kucishe impela kube ngukugembula. Umdlalo wokuwaka ungukugembula. Nawo onke lamasapha amasobho ukukhokhela umshumayeli; buyelani

enqubweni kaNkulunkulu yokukhipha okweshumi! Buyelani eZwini! Ngabe bayavuma ukukwenza na? Qhabo, mnumzane, abavumanga. Niyazi ukuthi kuthatha yiphi intengo. Lowo wesifazane uyokubiza ngefeshini endala futhi. UNkulunkulu uyokubiza ngobusisiweyo.

131 Niyavuma ukufa na? Yileyo inkathazo yakho, nifuna ukuhlala niphila eHollywood, ngesikhathi esifanayo niphile noNkulunkulu. Kungeke kuxubane. Imbewu, uJesu wathi, "Uma inhlamvu kakolo ingaweli emhlabathini futhi ife, ihlala yodwa." Awusoze waveza lutho.

132 O, bandla leGama likaJesu! Ibandla elihle kakhulu kangaka, iGama elihle kakhulu kangaka, iGama likaJesu! Senikulungele ukufa na? Ngabe wena Assemblies of God, General Assembly, usukulungele ukufa na? Methodisti, Baptisti, Presbyterian, usukulungele ukuphela esitheni sakho na? Uyavuma ukukhokha intengo yomhlatshelo, ngempela, ngobuqotho na? Hhayi nje ukuza bese uthi, "Awu, ngizokuzama futhi ngibone ukuthi ngiphuma kanjani." Awukalungeli. Ufanele ulungele ukukhokha intengo, bese ufa.

133 Nina bobaba, nina bomama, senikulungele ukwakha ialtare endlini yenu, bese nikhipha leyothelevishini na? Senikulungele ukususa lesositaki samakhadi etafuleni na? Lezozincwadi zamahlaya abantwana benu abazifundayo, belungiselela imiqondo yabo encane ngokuqhuma udeveli azobanika khona. Senikulungele ukwakha ialtare elidala lomndeni futhi na? Noma nifuna nje ukuqhubekela phambili nendlela eniyiyo na? Nifuna ukuqhubekela phambili, anikabikho esimweni sokuza; kodwa ngikhulekela ukuba nibe njengoSamsoni, niyayibona intengo futhi senilungele, "Nkosi, mangife nabo."

134 Wayazi, uma uNkulunkulu ephendule umkhuleko wakhe, ukuthi kwakuzobizani. Abantu abaningi, ngibabone kahle selokhu ngibe lapha, benyukela ealtare noMoya oNgcwele ufika kubo, futhi abafuni ukufa. Bafuna ukuhlala bephila ezweni. Ungeke wakhonza onkulunkulu ababili ngesikhathi esifanayo. Usukulungele ukushiya yonk'into, ukuba ukhonze uNkulunkulu na? Mlaleleni ekhala, "Nkosi, kube-kanye kuphela futhi!"

135 Ngabe ibandla lamaPentecostal, iGeneral Council, iAssemblies of God, ichurch of God, nonke, niyavuma ukukhokha intengo na? Niyavuma ukuba nithi, "Kanye futhi, Nkosi! Ngimi lapha. Angibanga nesibindi, wona impela umoya womKristu ukuxhawulana nomfowethu kamunye, noma umfowethu kamthathu-emunye. Angibanga nesibindi sokukwenza. Angibanga nawo umusa wokukwenza, uma ngibona lapho okungifikise khona, ngabhidlikela ezinhlanganweni nokuhlukana kokuhlanganyela, nebandla lenhlangano lingenwe kakhulu nguphoyizeni omunye nomunye

ngangokuthi cishe bangakhulumisani emgwaqeni, kanti, sibunjwe saba lubumba lunye, ngoMoya oNgcwele na"?

136 Niyavuma ukumemeza, "Kanye futhi, Nkosi, makwenzeke"? Uma nivuma, uNkulunkulu impela uzowuzwa umkhuleko wenu. Bhekisisani ngenkathi leyondoda, inawo wonke lowomsipha umi lapho, ukubusa kwayo okukhulu, kodwa yayiselokhu iyimpumputhe. Yayiyazi intengo, yayikwazi okunokwenzeka, futhi yathi, "Kanye futhi, Nkosi! Kanye futhi ngiziphindisele ngokubona kwami!" Ngenkathi yenza lowomkhuleko, uNkulunkulu wawuphendula. Yonke imisipha yomzimba wayo iqala ukuqina nqi, uMoya uqala ukuza kulezozinkonyane. O, ukuba besingaba noMoya ofika emhlanganweni wethu wangoLwesithathu ebusuku, kuSonto sikole wethu, sizwe imisipha yezinkonyane zamandla kaNkulunkulu iqina nqi, lapho uMoya oNgcwele ungangena khona. Hhayi ngombhinqo, kodwa ngoMoya wangokoqobo ukwembula imfihlo yenhliziyo nokuqondisa isono esiphakathi lapho, kukhishwe ububi.

137 Lapho imisipha yakhe iqala ukuqina, "Mangife nawo! Ngazalelwa ukuwabhubhisa, mangife nawo." Nemisipha yakhe, izinkonyane zakhe zaqina nqi, izinkonyane zakhe ezinkulukazi ezinkulu zathola amandla, uMoya oNgcwele uqala ukuhamba phezu kwakhe, futhi walisonta lelodwala ngamandla akhe anamandla, futhi wasuka wehla. Esikudingayo kuphela ngumkhuleko oqotho, "Kanye futhi, Nkosi!"

138 Kanti besifanele ukuba seZweni eliThenjisiweyo, sisalokhu sihamba simangala ehlane. NjengoIsrayeli, wayefuna umthetho, into ethize ababengayenza. Ungeke wenza lutho ngakho. Yemukela uKristu! Sasifuna imfundiso, into esasingazikhukhumeza ngayo, futhi sithole izinga elehlukile labantu komunye umfo. Niyabona ukuthi sesifikephi na? Siphuphuthekile. Kulungile.

139 Kwase kwehla ihlelo elikhulu. Bekuhlala njalo kungaleyondlela ngenkathi uNkulunkulu engena, ezinye izinto ziyawa. Ngaleyonkathi kwaba ngukunqoba kukaSamsoni. O, ngifisa sengathi bengingabona iBandla likaNkulunkulu ophilayo lima kulobubusuku, "Kanye futhi, Nkosi! Kanye futhi, sithumelele imvuselelo, uma kungibiza yonke into. Uma kubiza yonke into enginayo, ngithumelele imvuselelo. Ithumele phezu kwami, Nkosi." Yizwa leliqembu labantu abathi ababe ngamakhulu amathathu, noma ngaphezulu, lapha kulobubusuku, bamemeze ngephimbo elilodwa, "Nkosi Nkulunkulu, kanye futhi mangibone uJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Mangazi ukuthi Ulapha eduze kwami. Mangazi ukuthi Ulapha ukuba anginakekele. Sengiyavuma manje."

140 O, nikela, sonke isitha sabhujiswa. MaPentecostal yima kulesosigxobo kulobubusuku. Izinto enazalelwa ukuba

nizibhubhise, niyithathile. Phendukani, memezani kakhulu, "Nkosi, kanye futhi, kanye futhi masikubone!"

141 Mangisho lokhu, mngane wami. Kungcono ubhubhise isitha sakho ngaphambi kokuba isitha sakho sibhubhise wena. Buyisa umhlangano womkhuleko oyifeshini endala. Ukuphenduka okwenziwe ifeshini endala, ngenkathi babehlala ealtare baze bafe futhi baqede ngesono. Anikaze nimbone owesifazane eya ealtare futhi aphele esonweni, futhi ngosuku olulandelayo abuye nezinwele eziphunguliwe, upende ebusweni bakhe. Ayikho into enjengaleyo. UMoya oNgcwele uyafundisa, imvelo iyakwenza, imvelo kaMoya oNgcwele. Anikaze nibabone abesifazane bephuma futhi begqoke okukhanukisayo; bangene futhi bazame ukuzemboza. Anikaze nimbone owesilisa obesaba ukusukuma futhi esaba ukuthi umkakhe omncane angamshiya noma enye into ethize, ngoba wenza ukuqala. Awu, indoda ayeyindoda ngalezozinsuku. Ayekhuluma, ayeyindoda, ayebusa indlu yawo. Ayeyinhloko yendlu. Kodwa le eyaseMelika efekethisiwe . . .

142 Ngisanda kufunda nje esifundisweni esikhulu esingumGreki omncane, sihlezi lapha singibuka manje, siza neno sivela eGrisi, isifundiswa esikhulu esiGrekini, futhi siqala ukudlala iteyipu yami futhi sabhekisisa uMlayezo. Sathi, "Ngiyazi ukuthi awunayo ngisho imfundo, kodwa, Mfowethu Branham, amaZwi akho noMlayezo wakho kuhambisana ngokuphelele nokuhunyushwa kweBhayibheli lesiGreki." Sathi, "Kuyikho ncamashi. Okushilo kuyikho ncamashi." Futhi siza kimi, sasingitshela, "I*lawodikeya* kusho 'owesifazane' ngesiGreki." Leli yizwe lowesifazane, yibandla lowesifazane, unyaka wowesifazane. Sathi, "Awu, amadoda angekwenze." UNkulunkulu wake wangena nini kulesosimo na? Yebo, senikulungele ukubuyisa imvuselelo na? Senikulungele na?

143 Owesifazane wathi, "Nginelungelo lokwenza engifuna ukukwenza. Leyo yinhlanhla yami yaseMelika." Yinhlanhla yakho yaseMelika, akusiyo inhlanhla yakho owayiphiwa nguNkulunkulu, nokho. Imvu . . . Imbuzi iyohlala njalo ikhahlela itatazela, kodwa imvu ima ithule futhi ilahlekelwe ngamalungelo ayo. Niyabo? Uma ungumntwana wangempela kaNkulunkulu, uyolahlekelwa ngamalungelo akho aseMelika kuMoya oNgcwele futhi uMvumele akubumbe futhi akwenze njengoba ufanele. "Kanye futhi, Nkosi." O, he!

144 O, bandla, shiyani uDelila weHollywood, uzokubulala. Uklinya impilo kamoya iphume kuwe. Mshiye! Okombukisi wakho weHollywood emsamo, iHollywood yakho, okucwebezelayo kwakho, umhlangano wethu uzofanele ube njalo ufanele nje wonke ube kokukhulukazi njengalo lonke izwe, ufanele ube semabandleni amakhulu kunawo onke. Umvangeli ufika edolobheni, uzofanele umethembise imali engaka kungenjalo angeke eze. Insini engaka pho! Kukhombisa ukuthi ingcebo yakho ikuphi, inhliziyo yakho ilapho. Phendukela

kuNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo naseZwini laKhe, futhi asimemeze, "Kanye futhi, Nkosi! Kanye futhi, sikhombise uBukhona baKho!"

145 UJesu wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe," lokho ngumhlaba nezulu, ngikholwa ukuthi lapho—lapho, "ukuma kwezwe kungabe kusaNgibona, nokho niyakuNgibona nina," ikholwa, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni komnyaka. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Eminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Hhayi ukuzenzisa; kodwa okholwayo. O, bandla, thina. . .uJesu akafile, Uvukile kwabafileyo. Ukhona lapha manje. Ukuba bengingenakho lokho kwesekelwa, bengingeke ngikusho engikushoyo. Futhi ngiyazi Ulapha. Futhi Uyazifakazisa uqobo lwaKhe lapha. Uhlala njalo elapha ukuqinisekisa iZwi laKhe. Ukuba Ubemi lapha kulobubusuku, Ubeyothini na? Ubeyobuyela ngqo eZwini futhi, esho into efanayo Ayisho.

146 Manje, wena uthi, "Ngabe bekunguJesu lowo ekhuluma na?" Awu, ukuba bekungesuye, impela bengingefune ukukusho. Ngempela! "Kungafakaziswa kanjani na?" Khothamisa ikhanda lakho umzuzu.

147 Baba waseZulwini, izinceku zaKho zingakhuluma konke ezifisa ukukukhuluma, futhi singahle silethe iQiniso licace kakhulu njalo njalo kubantu, kodwa noma kunjalo kuyidlingozi nje. Kuselokhu nje kuyizindebe zesidalwa esingumuntu sikhuluma ebandleni. Futhi, Nkosi, UngongaPhezu kwemvelo. Futhi noma ngabe yikuphi lapho Okhona, kunezibonakaliso ezingaPhezu kwemvelo, kunezimangaliso ezenziwayo, izinto ezingenakuchazwa. Ngenkathi Ulapha emhlabeni, Wawuhamba wehla wenyuka phakathi kwabantu, Waphilisa abagulayo. Owesifazane wathinta ingubo yaKho ngesinye isikhathi, futhi Waphenduka, wase uthi, "Ubani oNgithintile na?" Wawungazi, qobo lwaKho. "Ubani oNgithintile na?" Kodwa uNkulunkulu owayekuWe, Wawazi imfihlo yenhliziyo, ngoba iBhayibheli lithi, "IZwi likaNkulunkulu liqinile futhi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango yenhliziyo." Futhi Wabuka phansi, owesifazane omncane wayengenakuzifihla, futhi Wamtshela ukukholwa kwakhe ukuthi kwakumsindisile.

148 Wena wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Ukuba Ubulapha kulobubusuku, Ubuyokwenza nje njengoba uBaba aKubonisa ukuba wenze.

149 Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Ungaletha lelibandla kanye futhi, Nkosi Nkulunkulu, lababantu owenziwe lapha kulobubusuku ngawo onke amabandla ehlukene, iMethodisti,

iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, amaPentecostal, nazo zonke izinhlobo zezimpawu zohlobo phezu kwawo. Awubheki uphawu lohlobo, Ubheka isilengiso esiyicici leGazi. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi kulobubusuku, ukuthi abantu bazolushaya indiva uhlobo lophawu lwabo abalufakile, futhi bakhumbule iPhentekoste ayisiyo inhlangano, iyisehlakalo esiza kunoma yimuphi owesilisa noma owesifazane oyokwethemba Wena. Philisa abagulayo, Nkosi, sindisa abalahlekile. Thola udumo kuWe uqobo.

150 Manje nginikela lezizethameli, ngalamazwi ephukile, Nkosi. Angisuye umuntu oyiqaphuqaphu, angenele ukuletha iZwi, kodwa ngithemba ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha lezizinto futhi uzembule futhi uzenze zaziwe ngesimo sesimilo ezinikwe ngaso. Hhayi ukuzizwa nginokuzenyeza, kodwa ukuzizwa ngithobeke kakhulu. Hhayi ukwehluka, kodwa ukuba neqiniso nokwethembeka kubantu, njengoba bengingenza kuNkulunkulu. Ngokuba uma ngingethembeke kubantwana baKhe, ngingethembeka kanjani kuYe na?

151 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokuqinisekisa Lokhu—kulobubusuku, phambi kwabantu ngqo manje, ukuze bazi ukuthi baphila emathunzini esikhathi, ukuthi uMlayezo wehora ungu "kuphenduka bese ubuyela emuva futhi ekuKholweni kobaba." Siphe khona. Futhi ngikunikela kuWe. Sindisa izoni. Gcwalisa amakholwa. Philisa abagulayo. Letha iNkazimulo. Futhi kwangathi sonke singakhala ngokuzwana kunye, "Kanye futhi, Nkosi, kanye futhi!" Makube kanye futhi! Sicela eGameni likaJesu.

152 Amakhanda enu ekhotheme, ngokukhuleka, ningekunake yini lokhu, "Ngabe yimi, Nkosi na? Ngingenzenjani, ngifanele nge—ngenzenjani na?" Zihlole wena nje umnyuziki usashayela phansi. Cabanga ngalomlayezo ophuke kancane, ungabheki isithunywa, cabanga ngalokho uMlayezo o—oyikho. Manje njengoba uzwa ukuthi unokumdinga uNkulunkulu, phakamisa isandla sakho nje kancane, njengoba ugcina ikhanda lakho likhotheme, "Nkosi, ngikhumbule." Akukhathaleki ukuthi unesidingo sani. "Ngikhumbule, O Nkosi."

153 Yibani nokukholwa manje kuNkulunkulu, ningangabazi. Kholwani nje. Bambani isidingo senu uNkulunkulu aze akhulume kini futhi athi, "Ngizoninika isicelo senu."

154 "Nkosi, ngimi ngiphuphuthekile, nami. Nginamahloni ngami uqobo. Ngimi, ngizisho ukuthi ngingumKristu futhi ngiphila ngendlela engiphila ngayo, nginamahloni ngami uqobo. Ngihawukele, Nkosi. Ngiphilise! Ngiphilise ngokomzimba, ngiphilise ngokukamoya, ngenze ngibe ngowaKho. Ngiwuzwile uMoya waKho phezu kwami. UMfowethu Branham ushilo ukuthi Ubulapha nathi. Ngi—ngiyakukholwa manje, ngoba ngiKuzwile. Ngiyazi Ulapha." UNkulunkulu waseZulwini

uzowuphendula umkhuleko wenu. Kholwani nje manje, vumelani nje uMlayezo wehle ujule kini. Khulekani nje, yibani nokukholwa. Ningangabazi. Kholwani.

155 Manje, Nkosi, nginikeze lesisikhala sesikhathi ukuze owesilisa nabesifazane, abafana namantombazane bezokwazi ukukucabangisisa lokhu. Lona bekunguMlayezo oxakile kwabanye, akungabazeki, kodwa, Nkosi, Uyazi ukuthi Uqinisile. Ngihlezi ekamelweni kulentambama, U—Ulethe lokhu enkumbulweni yami, ngalendoda enkulu eyake yaKuphilela nesimo eyangena kuso. Manje, Baba, njengoba uSamsoni wayevuma ukufa, aphele kuye uqobo, afe nesitha sakhe, ukubuyisa ukunqoba kukaNkulunkulu nesithembiso, kwangathi thina, nabo bonke ubusonto bethu nawo wonke umehluko wethu, singaphela ekucabangeni okungokwethu, futhi semukele iZwi laKho; siphele emicabangweni esitshelwe yona, "izinsuku zezimangaliso selwedlule," sibe sazi ukuthi lowoJesu nguyena, izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Nkosi, ukuthi lezizethameli zizobona ukunyakaza kwesandla sikaNkulunkulu kanye futhi, bese kuthi-ke bangeza futhi baphenduke, futhi kube nomhlangano omkhulu. Futhi kwangathi kusukela kulelibandla elincane kungaphuma imvuselelo ezobulala ngokuceka onke amaFilisti okwezwe kulo lonke izwe. Futhi kwangathi kungaba isibonelo, njengoba lababantu behamba besuka lapha kulobubusuku.

156 Sikhulekela ukuthi Uzongena njengoba Wenza endleleni eya eEmawuse. Wakhuluma nalawo indoda indlela yonke. Ayexoxa ngaWe. Wawukhuluma kuwo ngqo, futhi ayengaKwazi. Abantu abaningi lapha, Nkosi, uyasonta, futhi baqotho, futhi ngempela abafundiswa yinoma yikuphi okwehlukile. Kodwa manje-ke ngenkathi Usubafake ekamelweni ngalobo busuku futhi wavala umnyango, Wenza into ethize njengoba Wenza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKho, base-ke bazi ukuthi Wawuvukile kwabafileyo. Bashesha babuyela emuva nezinyawo zilula nezinhliziyo ezijabulayo, base bebikela abafundi, ngezinhliziyo ezijabulayo bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

157 Siphe ukuba lokho kwenzeke kanye futhi, Nkosi. Ngena kulezizethameli futhi wenze izinto Owazenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuze lezizethameli zizokwazi ukuthi inceku yaKho engazuzisi lutho ayiqambanga amanga kubo, kodwa ibatshele iQiniso. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

158 Manje, besingeke nhlobo saba nomugqa womkhuleko obizwayo, uma kunamakhadi. Angi—cabangi ukuthi akhona. Sinamakhadi anikezwa kusukela ebusukwini obumbalwa obedlule, angicabangi ukuthi akhona abawanikezayo kulobubusuku. Kodwa banamakhadi lapha. Kodwa uma bebenawo, beningeke naba nomugqa womkhuleko, niyabo, indlela esiyinxovanxova ngayo. Manje, kodwa sizo—sizowuqeda.

Kodwa bangaki abantu phakathi lapha abagulayo na? Asibone isandla sakho. Phakamisa isandla sakho uma unesidingo sikaNkulunkulu. Noma isidingo somunye umuntu enesidingo, phakamisa isandla sakho. Khuleka nje.

159 Manje hloniphani ngokuzithoba. Manje, asingehluleki nje ukuthola loMlayezo manje. Lalelani. Ukuba uJesu ubemi lapha egqoke lesudu, futhi nigijimele phezulu emsamo, futhi nithi, "Nkosi Jesu, ngiphilise," niyazi ukuthi Ubengathini kini na? "Sengivele ngikwenzile." *Ya*linyazwa ngeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphili*siwe* thina. Intengo isivele ikhokhiwe. Nizofanele nikukholwe.

160 Wena uthi, "Kodwa ukuba bengikholwa ukuthi Ubesondele kimi, ukuba bengazi ukuthi Ubelapha! Uma ngi . . . lokho, lokho sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula."

161 Awu, iBhayibheli lathi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi sithanda ukuMbona. Uma besingaMbona, Ubengenza njengoba Enza.

162 Manje ngizonikeza, okwenu bazalwane abangabefundisi, omunye umBhalo. ITestamente eLisha lasho, ukuthi "UngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? Wenza kanjani, kwakungenkathi Eselapha emhlabeni WayengumPristi omkhulu. Ngani, Wayengaphezu kwalokho, WayenguNkulunkulu. Babekwazi—kwazi kanjani abantu ukuthola into ethize kuYe na? Owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, wahlala phansi, noJesu wajika wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi bonke bakuphika. Kodwa okwaKhe . . . uMoya kaNkulunkulu owawukuKristu, uMenza uEmanuweli, waphenduka waze Wathola ezethamelini owesifazane omncane, wayesemtshela ukuthi sasiyini isimo sakhe, wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kunjalo na? Awu, manje, uma EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, uma kungumPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyokwenza ngendlela efanayo.

163 Manje, niyizihambi kimi, iningi lenu. Ngiyamazi uMfowethu Dalton nabo behlezi lapha kulesisihlalo esingaphambili khona lapha, leliqembu khona lapha, ngoba bangabasemuva eKentucky. Sekuyiminyaka ngibazi. Futhi angiphosisi, ngikholwa ukuthi emuva le ngemuva ngibone uMfowethu Gene Goad noMfowethu Leo Mercier, anginasiqiniseko. Ngiyajabula ukunibona bazalwane. Ngibona uMfowethu noDadewethu Dauch behlezi lapha. Angifuni nina bantu, uma ninanoma yini engalungile ngani, lindani nje, hhayi manje. Ngifuna umuntu ongangazi, nowaziyo ukuthi angikwazi. Ngifuna nina nikhuleke.

164 Bese kuthi-ke uma Enguyena, izolo, namuhla, naphakade, thintani ingubo yaKhe, noMoya oNgcwele waKhe uzosebenza ngathi. Uma ninomgudu ofanele, uMoya ukukholwa

ngawo, umgudu ofanayo olapha, uyosebenza ngendlela efanayo. Ufanele, nguNkulunkulu! Faka ukuphila kom'apula empentshisini, ungeke nhlobo usathela amapentshisi, uyothela ama apula. Futhi faka ukuPhila kukaKristu ku—kumuntu oyisidalwa esisazokufa, uyothela isithelo sikaMoya. Uyothela izithelo zokuvuka.

165 UKristu wethula loMlayezo, nalo—loMlayezo eBandleni ukuba liwuthathe, "Hambani niye ezweni lonke, nakukho konke okudaliweyo." Izigidi azikaze ziWuzwe namanje, izizwe asikaze siWuzwe namanje. Kuze kube nini na? "Izwe lonke, kukho konke okudaliweyo, lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo." Kuze kufike kuphi na? "Izwe lonke." Kubani na? "Konke okudaliwe." Yilapho Athuma khona ibandla. Manje ngikhombiseni emBhalweni lapho Akubuyisele khona emuva Lokho. Umuntu angahle ajovele umbono wabo, kodwa lowo akusiwo umbono kaNkulunkulu. Wathi, "Izwe lonke, kukho konke okudaliweyo." [Iteyipu iyaphela. UMfowethu uBranham uyaqhubeka nokwahlulela izimfihlo zezinhliziyo zabantu—Umhl.]

